# UkuHlengwa NgaMandla

Ngiyabonga, ngomusa. Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku, ukukhuluma nani futhi eGameni leNkosi uJesu Kristu wethu othandekayo. Futhi kuyinhlanhla njalo ukuhlangana nabantu bakaNkulunkulu, noma kuphi, nangokukhuluma ngaleloGama elikhulu, uJesu.

2 Ngilithokozela ngempela iculo umfowethu asanda kulicula nje. Lelo, lelo liyontandokazi yami. Osukwini lapho ngenkathi bezama ukwenza uJesu cishe abe ngumprofethi nje, noma umuntu olungileyo, noma umfundisi, lelo libuveza ngempela ubuNkulunkulu baKhe, Ayeyikho. Futhi ngikholwa ukuthi Wayenguye . . .

3 Wayengekho owake waba njengaYe, emhlabeni, akasoze abekhona. WayenguEmanuweli. WayenguAlfa, uOmega; ukuqala nokugcina; Owayekhona, okhona, nozayo; iMpande neNzalo kaDavide; iNkanyezi yoKusa. KuYe kwakuhlezi ubuNkulunkulu. KuYe kwakukhona uNkulunkulu.

4 "UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe, kuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." UJesu wathi, "AkusiMina engenza imisebenzi, kodwa nguBaba waMi ohlezi kiMi. UBaba waMi naMi simunye," uNkulunkulu ebonakalisiwe, enyameni. Isambulo esimangalisa kanje pho nothando lukaNkulunkulu kithi, ukuthi Wayezozisombulula Yena uqobo kithi futhi ehle bese ehlala enyameni yomuntu, ukuze asuse isono nokugula esintwini, futhi asihlenge asibuyisele kuBaba. Lokho kuyamangalisa, akunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—] Sikuthokozela ngempela lokho.

5 Manje, izolo ebusuku, ngibona ukuthi ngizofanele ngithi ukuxolisa. Ngi . . . UBilly ungitholile, masinyane kancane, izolo ebusuku, ngoba bekuwuhlobo lwe . . . Ngibe buthakathaka. Kodwa leyomihlangano, lokho kwehlukanisa kokubona okufihlakeleyo, futhi akukho noyedwa oyoke azi ukuthi kuyini, ngaphandle uma nje . . . Ufanele ungene kukho, ukuze ukwazi, niyabo. Ayikho indlela yokuzama ukukuchaza. Akukho—khondlela obungakwenza ngayo. Kungulwazi lwesipiliyoni o—okungekho-muntu owazi utho ngalo, kuphela labo abedlula kukho. Ukuthi kwenzani esintwini, ukuthi kwenzani kumuntu, kukhipha khona impela ukuphila kuye!

6 Awu, uphila emazweni amabili. Usezweni *lapha,* usezweni *laphaya,* uma unomunye umuntu, mhlawumbe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule; futhi ungahle ube nomunye umuntu, iminyaka kusukela namhlanje, ukuba kufike; kepha

nokho uyaqonda ukuthi umi emsamo lapha, futhi ukhuluma into ethize eyenzeka eminyakeni eminingi, eminingi eyedlula; mhlawumbe emavikini edlule, izinyanga ezedlule; esinye isizwe, enye indawo, noma okuthize. Bese-ke uzama ukuzigcina uqondile, kulokho, nokucabanga; ngiyakutshela, kuyinto enzima ngempela. Kodwa iNkosi isibusisile kuze kube manje, kukho, futhi sijabula kakhulu, futhi siyethemba manje ukuthi uNkulunkulu uzothola inkazimulo emhlanganweni.

7 Manje, e—ezinkonzweni kulobubusuku, ngicabangile, sisengabantu abayidlanzana nje, sindawonye; imihlangano yethu waziswe kuphela kwabendawo lapha, futhi nje ungowabantu bendawo. Futhi ngaphambi kokuba singene engxenyeni ebanzi kakhulu yemihlangano, bengicabanga, namhlanje, ukuthi ngizozama ukuba mhlawumbe ngithole okunye kokufundisa okuyifeshini endala, eBhayibhelini, okuya kubantu; ukuthi uma kufika isenzeko esikhulu, uma uNkulunkulu esithumela kithi, khona-ke sizokwazi ukusiqonda kangcono.

8 Empeleni, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu nje ku—kuyisicupho ehhukwini, ukubamba inhlanzi, njengoba nazi. Kungukuthi nje kungokunye . . . Inhlanzi idumela isicupho bese ithola ihhuku. Ngakho okwethu okukhulu . . . Isigcino ngci sethu esisodwa yilesi, ukuthi, imiphefumulo izuzelwe uJesu Kristu.

9 Uma uNkulunkulu ekuphilisile kulobubusuku, ungaphinda ugule futhi ngaphambi kokuba ufe. Ungagula futhi, onyakeni kusukela manje, noma eminyakeni emibili kusukela manje; ungagula evikini kusukela manje, noma osukwini kusukela manje. Angazi. Kodwa yinye into eyisiqiniseko, uzolishiya lelizwe, ngolunye lwalezizinsuku, ngoba lokhu nje ngokupheshiwe.

10 Kodwa lowomphefumulo uke waze waxhumana noMoya oNgcwele futhi uzalwe ngokusha, usunokuPhila okuPhakade. Akunandaba ukuthi kwenzekani lapha, awubhubhi neze. UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unoku," leyo yinkathi yamanje, "Phila okuphakade, akasayi ekulahlweni; kepha use," inkathi edlule, "phumile ekufeni wangena ekuPhileni." Lokho bekungasenza sonke maMethodisti futhi siqale ukumemeza, (bekungeke na?) kunjalo, ukucabanga lokho, ukuthi uNkulunkulu wenze lokho, Manje, lelo akusilo izwi lami; lelo ngelaKhe, uJohane oNgcwele 5:24.

11 UJohane oNgcwele 6, uJesu wathi, "Odla inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuphakade; futhi Mina ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela." Kunjalo. "Odla inyama yaMi, aphuze igazi laMi, unoku," leyo yinkathi yamanje, "Phila okuphakade." Manje, lokhu oku "phakade," akusuki nje emvuselelweni kuye kwenye, kodwa kuhamba kwedlulele ePhakadeni.

12 Futhi manje, kwabanye benu befundisi ohlezi eduzane, ninokwazi ukuthi lokho ku "Phila" okuphakade kuvela egameni elifanayo elichaza ukuthi "ukuPhila kukaNkulunkulu." Igama *Zoe*, igama lesiGreki, elichaza ukuthi "ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo."

13 Manje-ke, siba yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu, inzalo ewuzalo lukaNkulunkulu, nengxenye kaNkulunkulu ikithi. Ngeke sisabhubha kunoma uNkulunkulu ubengabhubha, uma ezamile. Ngakho, sinokuPhila okuphakade; futhi sizovuswa ngomuhla wokuphela. Lokho kuyamangalisa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho bekungenza amaBaptisti, amaMethodisti, axhawulane futhi amemeze. Bekungeke na? Impela bebengaba njalo. Kunjalo.

14 Leyo yinto enhle mayelana nenkolo yesikhathi sakudala. Yenza nje wonke umutu ahlale ndawonye futhi bathandane. Impela iyakwenza. Isusa yonke imehluko, yenze izidalwa ezintsha. Iyokwenza owebhantshi le—ledina, neovaloli, bagaxane ngezingalo bese bethi, "Mfowethu, kuhamba kanjani kodwa?" Kunjalo. Impela iyokwenza. Iyokwenza owengubo kasilika, nokaliko, bagaxane ngezingalo bathi, "Dadewethu, ngiyakuthanda." Yilokho ekwenzayo. Impela iyakwenza, nje ivele iwubhidlize umehluko. "Ucebile noma umpofu, uyisigqila noma ukhululekile, sonke simunye kuKristu Jesu."

15 NgeSonto, etabernakele, engibona ukuthi kukhona iqembu lonke labantu betabernakele lihlezi lapha, sasine—sasinesikole sangeSonto ngokuthi, "ukuhlengwa ngegazi." Futhi ngathatheka kakhulu kukho, ngize ngizwe sengathi ngikwenye imbulunga yomhlaba ndawondawo, ngokuthi: *UkuHlengwa NgeGazi.*

16 Futhi kulobubusuku, emva kokuba umndeni usuhambile futhi weza ngapha ngaphambi kwesikhathi, ukuba uzozwa inkonzo yomculo, kanjalonjalo, bengisekamelweni. Futhi kubonakle sengathi . . . Ngiqala ukufunda emBhalweni, futhi ngathola okuthize. Ngacabanga, "Awu, uma iNkosi ithanda, ngizokhuluma nje ngalokho okwesikhashanyana kulobubusuku."

17 Lokho ngukuthi, *UkuHlengwa NgeGazi,* ngeSonto. Manje, kulobubusuku, ngizokhuluma ngokuthi *UkuHlengwa NgaMandla.* Futhi kusasa ebusuku ngizokhuluma ngokuthi *UkuHlengwa NgokuPhelelisiwe,* (uma uNkulunkulu ethanda, okungukuthi) *EkuJabuleni.* Egazini, emandleni, nasekujabuleni; ukuhlengwa!

18 Nokudonsa ngikhiphe lokhu . . . Manje, abantu abaningi, njengabahle, izifundiswa ezinkulu ezifundisiwe sona siyazi ukuthi kuhlaziywa kanjani bese zinikeza lezi uhlobo lwesambulo, mhlawumbe, nga *lokhu,* noma *lokho,* noma ziveze

okunye. Kodwa, mina, ngiwuhlobo lwezinye zalezi lapha uhlobo olungakwazi ukufunda okubhaliwe lwabashumayeli olu . . . Into kuphela engikwazi ukuyenza, ukuqiniseka ukuthi ngiseduze kancanyana kokuyikho, empeleni, ngukuya ezithunzini. Uma ngiqale ukuhamba ngiya ngasobondeni, nokukhanya ngaku *lolu* uhlangothi, ngingasho ukuthi kuyini, ngalokho nje ebengibukeka ngifana nakho; noma ngangiyisilwane esinyawozine, noma—noma inkukhu, noma kumbe kwakuyini, uma ngibona ukuthi hlobo luni lwesithunzi engilubonisayo.

19 Manje, iTestamente eLidala laliyisithunzi seTestamente eLisha. Laliyinegetivu. Njengenyanga, elangeni; ilanga likhanya enyangeni, ibonisa ukukhanya emhlabeni. Futhi nje ngiyalithanda iTestamente eLidala! Nje lingeligcwele imifanekiso kanjalo, noma, njengoba lingaba njalo. Manje, okuphelele . . .

20 KuGenesisi, ngenkathi uNkulunkulu enza i—ilanga, kuqala, inyanga elandelayo, leyonyanga nelanga kumele uKristu neBandla. Njengelanga nje uma liphuma ngamandla alo nenkazimulo; futhi uma selishona, libonisa ukukhanya kwalo enyangeni, ebumnyameni, ukunikeza ukukhanya emhlabeni ngenkathi ilanga selihambile. UJesu, ngenkathi Ehamba, Wahamba wayongena eNkazimulweni futhi wabonisa ukuKhanya kwaKhe kwabuyela eBandleni; ukunikeza, iBandla, ukuKhanya kweVangeli Aze abuye, o, he, bayobe sebeshada-ke. Lokho kuyoba yisimangaliso. Kuyoba wukuKhanya okukhulu okukodwa kwenyanga ne . . . "IWundlu lingukukhanya lapho." Abasalidingi ilanga, eMzini.

21 Manje okuncane ukukubona kungakenzeki, asibuyele kuEksodusi. Futhi ngiyethemba anikhathazwa yimi ngikhuluma kuEksodusi.

22 Ngesinye isikhathi, ebandleni lami ngaphesheya komfula, ngashumayela, ngiyakholwa, cishe sekungunyaka nezinyanga eziyisithupha, ngoJobe, njalo ebusuku. Babebuya; ngangithatha nje ingxenye encane kaJobe, futhi, ngehla, sasikwenza kwehle njalo neBhayibheli.

23 Yonke imiBhalo ihlangana ndawonye okwesisila sejuba. Akukho-kuphikisana eZwini likaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Konke nokuncu, kuphelele! Okuyiyona-Ncwadi kuphela eyake yalotshwa ephefumulelwe kanjalo, engathi ngokuphelele . . . Eyabhalwa ngababhali abaningi, namakhulu amaningi eminyaka ngokwehlukana; futhi bonke, ngoMoya oNgcwele bekhuluma, kuhlangana kahle ndawonye okwesisila sejuba. Yingalesosizathu, kuzozonke lezizincwadi ezengeziwe, iMaccabees nezinto, ayivumelani naLe, ngakho angiyemukeli. *Leli* yiZwi likaNkulunkulu, kimi.

24 Nomunye owesifazane wangibhalela incwadi wayesethi. . . Ngangishumayela; uJobe esezaleni. Wathi, "Mfowethu Branham, kade ulokhu, ukuJobe esezaleni isikhathi eside ngokwenele, awucabangi kanjalo? Kade ulapho amaviki ayisithupha." Wathi, "Ngani, uyoze umsuse nini ezaleni na?"

25 Awu, ngathi, "Uma uMoya oNgcwele usuyeka ukufuqa amaZwi aphume lapho, ngiqagele ngizovele nje ngiyeke ukukusho." Kodwa inqobo nje uma Elokhu ethi angikhulume ngaye esezaleni, awu, ngavele nje ngahlala nakho ngqo; nemiphefumulo isindiswa.

26 Ngakho, njengomvangeli, wafika edolobheni. Washumayela, ubusuku obubodwa, washumayela ngokuphenduka. Ngobusuku obulandelayo, washumayela ngokuphenduka. Ngobusuku obulandelayo, washumayela ngokuphenduka. Cishe emva kobusuku obune noma obuhlanu, ibhodi yabadikoni yahlangana naye yase ithi, "Mfowethu, akukho yini okunye ongakushumayela ngaphandle kokuphenduka na?"

27 Wathi, "O, yebo. Mabaphenduke bonke, kuqala, khona-ke ngizoshumayela ngokunye." Ngakho lowo ngu—ngumbono omuhle. Bona, bonke, abaphenduke, khona-ke singashumayela ngokunye. Kulungile.

28 Okwento encane ukuyibona ingakenzeki manje, kulabo, noma ikakhulukazi labo abebengekho eTabernakele ngeSonto ekuseni. Sifuna ukuba sithi gqi emuva ngale esahlukweni 12. Kodwa isisekelo somcabango wethu kulobubusuku sisesahlukweni 14, siqale ngevesi 13 likaEksodusi. Manje, sishiye evesini 10, ngeSonto ekuseni, ngokuthi *"ukuhlengwa ngegazi."* Cishe iningi lenu nonke liyejwayele indaba, ngineqiniso.

29 Manje siyazi ukuthi singawapheqa amakhasi aleNcwadi, bese siphenya lamapheji. Kodwa Munye kuphela Ongavula iNcwadi, lowo nguJesu Kristu.

30 UJohane wabona iNcwadi. Yayinamekwe ngophawu. "Futhi wakhala izinyembezi ngoba kwakungekho-muntu eZulwini owayengaYivula, kungekho-muntu emhlabeni, kungekho-muntu ngaphansi komhlaba. Kodwa kwakukhona iWundlu elalihlatshiwe selokhu kwasekelwa umhlaba, lifike layithatha iNcwadi esandleni sokunene saKhe owayehlezi esiHlalweni sobukhosi, futhi lazivula izimpawu futhi—futhi layivula i—iNcwadi, laqaqa izimpawu zayo. Futhi Lalifanele, ngoba Lalihlatshiwe kusukela kwasekelwa umhlaba."

31 Asikhulume naLo, kulobubusuku, futhi siLicele ukuba lisivulele Yona manje nje.

32 Manje, onomusa, Baba othandekayo, siza kuWe, sethula kuWe, kuqala, eGameni likaJesu. Sikhuleka manje, ukuthi, njengoba sima lapha, sikhosele phansi kwaloluphahla, kulobubusuku, lapho lesosiphepho sidlange khona ngaphandle,

izimvula isonta futhi ivunguza, siyabonga kakhulu ukuba nendlu kaNkulunkulu ukuba singene kuyo. Futhi siyabonga ukuthi kukhona umbhoshongo, isiphephelo; Wena wathi, "IGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla; abalungileyo bagijimela kuwo balondeke." Sijabula kakhulu ukuthi siyalazi iGama leNkosi, futhi singene kuLo.

33 Manje sikhulekela ukuthi Uzosivulela leliZwi, kulobubusuku, Baba. Kwangathi uMoya oNgcwele ungafika futhi ungene eZwini. Soka izindebe zalenceku ethobekile empofu, nezinhliziyo zalabo abazolalela, abantwana baKho. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha nje amaZwi kaNkulunkulu bese uLibeka kuyoyonke inhliziyo, lapho eLidingeka khona nje. Sibusise manje. Hlumelelisa izingqondo zethu, kulobubusuku, eMoyeni waKho. Thola inkazimulo enkonzweni. Sindisa abalahlekile. Philisa abagulayo. Buyisa abahlubuki eKhaya, Nkosi. Futhi sizoKunika udumo, ngokuba sikucela eGameni laKho, leNdodana yaKho ethandekayo, uJesu. Amen.

34 Manje phenyani evesini 10 lesahluko 12 sikaEksodusi. Besifunda, *"ukuhlengwa ngegazi,"* ukuthi uNkulunkulu wayelimisele kanjani iwundlu ukuba lihlatshwe endlini ngendlu, ukuthi kwakungezukushiywa lutho kanjani.

35 Izahlulelo zazikade zehla, nokwahlulelwa kokugcina manje kwase kulungele ukwehla. UNkulunkulu wayezogcwalisa iZwi laKhe, ngakho konke. Nazo zonke lezozahlulelo emuva lapho kwakuyisibonakaliso esiphelele, noma umfanekiso ophelele, wezahlulelo esezilungele ukwehla manje.

36 Futhi uma nizoqaphela, ngaphambi kokuba kwehle ukwahlulelwa. Manje abefundisi bangaphikisana nami kulokhu, okulungile. Kodwa ngaphambi kokuba ukwehlulela kuqale ukushaya iGibhithe, uNkulunkulu wathumela uIsrayeli eGosheni. BabeseGosheni, futhi akukho-nhlupheko eyehlela kubo. Umfanekiso ophelele weBandla liweliswa, ekuhlushweni, niyabo. Kulungile.

37 Kwase kuthi-ke enhluphweni yokugcina eyashaya umhlaba lapho, noma yashaya iGibhithe, kwakungukufa. Nonke nina bafundi beBhayibheli lapha, niyazazi izifundo zenu zikaSonto sikole kanjalonjalo, sithathe lokhu, mhlampe, izikhathi eziningi. Kodwa, ukufa kwaba yisitha sokugcina esashaya iGibhithe.

38 Nesitha sokugcina esizoshaya ibandla manje ngukufa, sikhuluma ngokukamoya. Labo abangayikulandela uKristu, e— embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, ngokomoya bayokoma futhi bafe; amabandla, ningalibona manje. Emva kwezeningi, izimvuselelo eziningi ezinkulu nabavangeli wedlulile ezweni, kepha, nokho, ibandla lona, okungukuthi, ngokukhuluma ngokwebandla lezombusazwe, liya ngokuba libi ngaso sonke

isikhathi. Amalunga alo aphila noma ngayiphi nje indlela afuna ukuphila ngayo, enza noma yini afuna ukuyenza, nokho, ezibiza ngamaKristu, futhi ethi akahle.

39 Ukuba ngum *Kristu*, kuchaza uku “fana noKristu.” Ungayi endaweni obungeke ufune ukuya kuyo ukuba uKristu ubengafika. Ungasho lutho obungeke ufune ukulusho uma uKristu efika. Ungenzi lutho obungeke ufune ukulwenza uma uKristu efika. Ungacabangi lutho obungeke ufune ukulucabanga uma uKristu efika. Gcina injongo yakho eyodwa, inhliziyo yakho imaphakathi neKalvari. Amen. “Hambani ekuKhanyeni, njengalokhu Yena esekuKhanyeni, futhi sinenhlanganyelo omunye nomunye, neGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, liyasihlanza kukho konke ukungalungi.” Leyo ngamaMethodisti, amaBaptisti, nathi sonke, ndawonye, kusenza sonke sibe munye kuYe.

40 Manje, eyokugcina, into yokugcina kwakungukufa. Futhi ngaphambi kokuba lokho kufa kufike, kwabakhona ukubuyisana okwenzelwa lokho kufa, kubo bonke abafisa ukuphunyuka kukho.

41 Futhi kwaba khona ukubuyisana okwenziwayo ngaphambi kwembubhiso yokuqala, yezwe lasemandulo phambi kukazamcolo. UNkulunkulu wayenomshumayeli wokulunga, uNowa, futhi washumayela iminyaka eyikhulu namashumi amabili, ukuba abantu beze bangene emkhunjini. Nalabo abala ngamabomu ukuhamba, kwakungasele lutho kuphela ukwahlulelwa.

42 Futhi, namhlanje, umuntu owala ukuhamba ekuKhanyeni kukaKristu, uwedelelile umusa, ngakho akusekho okusele kuphela ukwahlulelwa. Yilokho kuphela. Kukhona nje uhlangothi lwangakwesokudla nesokunxele, okuyilona kuphela ongaya kulo. Bese uyazikhethela.

43 Manje, siyabona, ngaphambi kokuba ku—kufike ubusuku obukhulu obubi kabi, lowo Israyeli wayalwa. Futhi sesivele sikuthathile lokho, kokubulawa kwewundlu.

44 UNkulunkulu wayengenisa ibandla laKhe ophumweni, ukulikhipha Gibhithe, layongena ezweni lesithembiso. Ngiyakuthanda lokho. Babewela, ukuba balidle izwe. UNkulunkulu wabanika izwe, kepha nokho lalibiyelwe lonke ngezinkulu, izakhiwo ezinkulu nezintango. Nezindonga ezizungeleze iJeriko, izinqola zazikwazi ukudlala imijaho ziluzungeze. Futhi nje cabanga ngalokho, namanje, uNkulunkulu wathi, “Ngininika lona. Ngelenu.” Kodwa babefanele bahlanze, balihlanze.

45 Futhi yilokho uNkulunkulu akwenzile namhlanje. Uninike nonke, oWufunayo, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kodwa nifanele ningene, niWudle, yilokho kuphela; nilwe nemehluko,

futhi nidilize izindonga, bese niqala phakathi lapho bese niWuthola.

46 Wena uthi, "Umelusi wathi, 'Awusiwo owethu namhlanje.'" Vele nje uhambe ngqo wedlule kulokho. "Umama wathi, 'Ngizokuxosha ekhaya.'" Hamba ngqo wedlule kulokho. "Umyeni uthi, 'Ngizokushiya.'" Qhubeka ngqo wedlule kulokho. Yilokho kuphela. Ufanele uhambe uWudle! Yilokho kuphela.

47 Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kungokwenu nonke. Nonke enihlezi lapha kulobubusuku, onomdlavuza, isifo senhliziyo, noma ngabe kuyini, uNkulunkulu unikeze isithembiso. Futhi ngesenu, kodwa nizofanele nihambe futhi nisidle.

48 Manje wena uthi, "Awu, angizizwa nje ngikahle nje." Lokho akuhlangene nakho. Isithembiso ngesenu. UNkulunkulu unipha sona. Ngenani nje ngqo futhi nibulale amaFilisti ngokuwacekela phansi, kusukela ngapha nangapha. Futhi nikhiphe onke amaHivite na—nama-Amori, nje niwabulale ngaphandle. Niqhubeke ningene, nilithathe. UNkulunkulu wathi, "Ngelenu. Hambani nilithathe."

49 Kodwa Akashongo ukuthi, "Manje, Ngizongena, ngilishanele lonke, bese nginakhela amanye amadolobha amahle, bese nginihlalisa emgwaqeni olula." Akenzi ngaleyondlela.

50 Uninika lona, futhi kufanele kubekhona enikwenzayo. Muhle ngokwenele ukuba aninike izwe, wathi Uyonisiza futhi abe nani. Hambani, nilithathe!

51 Futhi uma ugula, kulobubusuku, ukhubazekile, uyimpumputhe, uyisithulu, uyisimungulu, noma ngabe uyini; hamba, lithathe. UNkulunkulu wathi ngelakho. Liyifa lakho. UNkulunkulu wakupha lona.

52 Wabatshela ukuthi Wayezobapha lelozwe. Wathumela iNgelosi phambi kwabo, ukunakekela indlela, ibangenise endaweni lapho elalikhona.

53 Bukani lezozinhloli ngenkathi ziwela. Nakhu kubuya ishumi labo, lathi, "O, asikwazi ukukwenza. Akunakwenzeka. Ngani, singososayense, futhi siyiphenyile into. Ngokwesayense akunakwenzeka. Asikwazi ukukwenza."

54 Kodwa kwakukhona abafo ababili, omunye wabo othiwa nguJoshuwa, nomunye othiwa nguKalebi. Babengabuki ngasohlangothini lokuthi isayense yayiyini. Babebuka kulokho uNkulunkulu ayekushilo. Bathi, singakwenza." Futhi kunjalo. Futhi babuya nobunye ubufakazi obubonakalayo ukuthi laliyizwe elihle.

55 Ngijabula kakhulu ngalobo bufakazi obubonakalayo, (anijabuli nina na?) ukuthi kukhona iZwe elihle ngaphezu

kwethu nje! [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi sisendleleni yethu, kulobubusuku. Haleluya! Kulungile.

56 Babelapha, manje, ngaphambi nje kokuhlengwa. UNkulunkulu wayedinga abantwana bakwa Israyeli, ukuthi babezovikelwa ngempela, ukubulala leliwundlu. Nokubeka igazi ekhothamo, ingaphezulu lomnyango, *kanje*; nasensikeni ngayinye.

57 Futhi babezongena futhi badle leliwundlu, lonke nokuncinyane kwalo; qaphelani, lonke iwundlu, hhayi nje ingxenye yalo. Konke nokuncinyane kwalo kwakuzodliwa.

58 Abanye abantu bathi, "Ngizothatha *le*ngxenye nje, futhi ngi—ngizokholwa *le*ngxenye." Kodwa uzofanele uLithathe lonke, nelincinyane laLo. Uthi, "O, ngiyakholwa ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, kodwa, 'kodwa ngemivimbo yaYo,' angazi lutho ngaLo." SiLifuna lonke. Nokuncinyane kwaLo ukuba kudliwe; konke okwaLo. Okunye kwaLo kuba l'khuni, kodwa sifanele siLidle, noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo.

59 Qaphelani ivese 10 manje.

> *Ninga—ningashiyi lutho lwalo kuze kube- sekuseni; kepha okusele . . . kuze kube-sekuseni . . . zakukushisa ngomlilo.*

60 Futhi, manje, akukho nokukodwa okwalo okufanele kusale; yonke into. Manje, Wathi, "Uma nilidla, ningalidli liseluhlaza, noma liphekiwe, kodwa nifanele nilidle liphekisisiwe." Futhi ngiyakuthanda lokho.

61 Abantu bazama ukudla iZwi likaNkulunkulu, futhi baLithatha sengathi Laliluhlaza; baLihlafune, bese beLiphimisa, nakho konke okunye. Bathi, "O, ngeke nje ngaLithatha. Ngeke ngaLimela." Aliphekiwe ngokwenele. Yilokho kuphela.

62 Wathi, "Nilipheke ngomlilo." Umlilo umele uMoya oNgcwele. Ufaka uNkulunkulu enhliziyweni yakho, kuqala, futhi Uzokuphekela Lona. Kunjalo. Liphekwe lakhishwa, lalungiswa, lanongwa, manje-ke Linambitheka kamnandi.

63 Manje, ungeke wamela kude *kanje*, ngaphandle, uthi, "O, mina, angazi noma Elami, noma qha. Lokho kungahle kube okwezinsuku esezedlula." Thola nje uMoya oNgcwele, kuqala, bese ubhekisisa ukuthi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kusho ukuthini-ke kuwe.

64 Ubuke ukuthi inkolo ezwakala enhliziyweni isho ukuthini-ke kuwe, uma unoMoya oNgcwele lapha ukuba upheke iWundlu lapho Lifika. Amen. Kunjalo. Pheka iWundlu, kuqala. Futhi uzofanele ube noMlilo wokuLipheka. Lifanele losiwe. O,

he, Limnandi ngaleyonkathi-ke. Lose, uvele ushise ukhiphe yonke i . . .

65 Ngangimi lapha, esikhathini esingeside esedlule, ngasesincibikalisini esikhulu, futhi ngaqaphela ukuthi lowomlilo wawushisa kanjani, futhi nje wavele wapheka wapheka wapheka. Futhi lapho ushisa kakhulu, a—amanyela ezinsimbini, egolideni, onke eza ngaphezulu, bese bewengula. Futhi babeyoshisa umlilo kakhudlwana esincibikalisini. Bese kuthi-ke uma lokhu sekubila kakhulu, babethola ezinye eziningi izinto ezehlukene, insimbi eseamatshe nezinto, kuphume kuyo.

66 Okokuqala ukuba kukhuphuke kwakuwuthuli, njengothuli nodaka. Okulandelayo okukhuphukayo kwakungokufana nezinsimbi zisaxubene namatshe, o, into engalungile; namasiliva asheshayo, nazo zonke lezizinto, ziyakhuphuka, bese bekwengula lokho. Baqhubeke phansi, phansi impela, nento yokugcina abayikhipha kuyo kwakuyinsimbi esenamatshe. Lelo yigolide-mbumbulu.

67 Niyazi kukhona inqwaba yezinto kubantu abazama ukwenzana ngazo izithutha uma ungumKristu, noma uziphathisa okwakho, empeleni. Niyabo? Kodwa nje dedela uMoya oNgcwele uhambe uyobilisa kuphume yonke into, ukhiphe—khiphe lonke igolide-mbumbulu kuwe, futhi.

68 Igolide-mbumbulu, abantu abaningi baphuma baye eNtshonalanga futhi balithola elinye lalo, futhi bacabanga ukuthi, o, bazithele emayini yegolide. Likhanya kangcono kunoma kwenza igolide. Kodwa yigolide-mbumbulu, alinalo inani kulo.

69 Futhi manje bayakupheka lokho, bese bekwengula konke, futhi nje baqhubeke nokulipheka balipheke, lize libe yigolide elimsulwa, libiliswe lize liyofika lapho seliyigolide eliyikhulu lamaphesente.

70 Futhi yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo eBandleni laKhe, uthululela uMoya oNgcwele kuLo, bese epheka phansi phakathi lapho aze aphosele ngaphandle bonke ubuzwe, nemehluko, nokuzigabisa, nakho konke lokhu, aze nje Akubulise kuphume kuwo wonke umuntu ngamunye oyoza kuYe. Amen.

71 Manje, manje-ke, ungalidla. Nanku omunye umcabango omuhle lapha, e—evesini 11.

> *Niyakulidla kanje; izinkalo zenu* . . . (lalelani lokhu) *ziboshiwe,* . . . (ngiyakuthanda lokho) . . . *izicathulo zenu zisezinyaweni zenu,* . . . *izindondolo zenu zisesandleni senu; niyakulidla ngokushesha; liyiphasika leNKOSI.*

72 Ngiyakuthanda lokho. Nisadla, nilungele ukuhamba. Yileyo indaba-mlonyeni.

73 Asiphenye ngale kwabase-Efesu, cishe isahluko 6 sabase-Efesu, bese sibuka phakathi lapha ukuthi uPawulu wathini ngokuthola ukuthi iBandla lizilungiselele; isahluko 6 sakwabase-Efesu, siqale evesini 14 lesahluko 6.

> *Ngakho yimani, izinkalo zenu ziboshiwe ngeqiniso,. . .nifakile isivikelo sesifuba sokulunga;*
>
> *. . .izinyawo zenu zigqokisiwe ukulungela kukho ukushumayela ivangeli lokuthula;*
>
> Futhi *kukho konke, nithathe isihlangu sokukholwa, eniyakuba-namandla okucima ngaso. . .imicibisholo evuthayo yomubi.*
>
> *Namukele futhi isigqoko sensindiso, nenkemba kaMoya, eyizwi likaNkulunkulu:*

74 Niyambona uPawulu egqokisa umuntu ngokwenkundla yezempi, ukuba amashe.

75 UNkulunkulu, ekuqaleni, ekukhululweni kuka Israyeli, Wathi, "Manje benifanele nilungele imashi. Uma nifika phansi kwegazi, fakani izicathulo zenu. Bophani izinkalo zenu. Phathani izindondolo zenu ngesandla senu futhi nilungele ukubizwa." Ngiyakuthanda lokho.

76 Umuntu manje, uma engena kuKristu, ufaka izicathulo zakhe zeVangeli, ukushumayela iVangeli; afake isigqoko sensindiso; isivikelo sesifuba sokulunga; abophe izinkalo zakhe. Kukhona i. . .

77 Ngokwejwayelekile, emabuthweni amadala, uma egqoka leyomihlobiso yempi, ayenebhande elikhulu. Ayekufasa akubhanqe ngeshaspele, libambe ngenhla kwezinkalo, lezizihlangu, ukuvika imikhonto yesitha. Isifundo sangempela esinje pho esikithi. Futhi uma u—ukhalo luqala ukuba buthakathaka, silengele phansi, isihlangu, babesibophela ebhandeni labo, basenyuse basiqinise futhi.

78 Isithombe esiphelele kanje pho, namhlanje, uma uqala ukuzizwa ukuthi usuxega, noma uDeveli uthi, "Akusizi." Yehla ubophe ibhande liqine kancanyana; uhoshe inkemba ithi ukuqina kancane esandleni, bese uqonda phambili. Ngiyakuthanda lokho, ulungele imashi.

79 Wonke umuntu ehamba phansi kwalelogazi, ngalobobusuku, wayeyalwe ukuba ahlale lapho, angaphumi kuze kufike iziyalo, ukuba amashe.

80 Futhi wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, ungena kuKristu, unokuPhila okuphakade; Uhloma ngesihlangu sakhe, isivikelo sesifuba sakhe, emi elungele, futhi enqatshelwe ukusuka kuze kube yiziyalo zokumasha.

81 O, akumangalisi na? Anijabuli yini ukuthi konke nikufake amahhanisi ngqi, kulobubusuku, nina mabutho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

82 Kwakuvamise ukubakhona umculisi eTabernakele, iculo lethu eliyindikimba lalithi:

> Impi iyalwa, O mabutho amaKristu,
> Ubuso nobuso iphakwa igqolozelene,
> Nezikhali zibenyezela, imibala emininginingi,
> Okulungile nokungalungile kubambene namhlanje;
> Impi iyalwa, kodwa ningaphel'amandla,
> Qinani nasemandleni aYo nibambisise;
> Uma uNkulunkulu engakithi, ibhanela laKhe liphezu kwethu,
> Sohlabelela iculo lokunqoba ekugcineni.

83 Abaningi babo abangcwele abadala useshone ethuneni. Kodwa ngolunye lwazizinsuku, ngaleya ezweni elisha, ngenkathi bevela bengena eZweni lesithembiso, ibhanela lesiphambano liyoba phezu kwethu, futhi socula iculo lomnqobi. Uma sihlezi esiDlweni soMshado sakusihlwa ngalobo busuku, sizungeze itafula, lelotafula elikhulu, mhlawumbe lingamamayela ayikhulu lezinkulungwane ubude, nabangcwele abagezwe eGazini behlezi bezungeze lapho. Ngifuna ukuhamba ngehle ngetafula futhi ngibaxhawule bonke, amen, ngimemeza nje. Niyafuna ukungizwa ngimemeza na? Lindani size sifike lapho; ngibhekisiseni. Angimkhulu ngokwenele, namanje, ngalokhu.

Kodwa, qaphelani, emashini manje. Lungiselelani. Siyahamba.

84 Nasi isithombe esidabukisayo, ngaphambi kokuba siwelele esifundweni esivamileyo, sitholakala evesini 38 lapho. Lalelani.

> *Kwenyuka* nomhlambi wabo *ingxubevange* . . .

85 Yilapho uIsrayeli enza khona iphutha. Okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe. Abantu abangaphendukile balandela ngenxa yokungaphezu kwemvelo, ekugcineni kwabafaka enkathazweni. Futhi kwehle njalo, sizoqaphela lapha, phakathi cishe evesini 42 nevesi 43. INkosi ikhuluma kuMose, yasho, ukuthi, "Akukho-noyedwa kuphela yilabo ababenikelwe . . . owayengadla umhlatshelo," njalo, "kodwa labo ababesokiwe. Akukho-bafokazi, akukho abangaphandle, akukho noyedwa ofanele alithathe kodwa labo abasokiwe."

86 Futhi ihlazo elinje pho esinalo namhlanje, kulolusuku, bangane abathandekayo; ukuthi lapho, ebandleni, wonke umuntu osontayo uthatha isidlo. Futhi yiphutha lelo. Yilabo kuphela abahlengiwe, yilabo kuphela abafanele.

87 UIsaya wakhuluma wayesethi, "Amatafula eNkosi ayogcwala ubuhlanzo." Wathi, "Ubani eNgiyakumfundisa isiFundiso na? Yibo abalunyuliweyo emabeleni." Wathi, "Isiyalezelo sifanele sibe phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana." "Futhi bambisisa lokho okulungileyo." Kukhuluma uNkulunkulu, azi ukuthi usuku esiphila kulo, ukuthi ibandla liyoba kakhulu kwezombusazwe, bayoze bavumele yonke into, abantu, bangene; inqobo nje uma igama labo lisencwadini yebandla, babengamalunga, bathathe isidlo.

88 NeBhayibheli lathi, "Odla aliphuze, ngokungafanele, unecala lomzimba neGazi leNkosi."

UJohane oNgcwele, isahluko 13, kukhuluma uJesu.

89 KwabaseKorinte besiBili isahluko 11, uPawulu washo, eminyakeni kamuva, ukuthi, "Odla aphuze lokhu, ngokungafanele, uyoba necala lomzimba neGazi leNkosi. Umuntu makazihlole," uthi, "ngaphambi kokuba athathe." Ngicaphuna umBhalo. Kunjalo. "Odla aphuze, ngokungafanele, udla aziphuzele ukulahlwa, engawehlukanisi umzimba weNkosi. Futhi ngenxa yalokhu abaningi bayagula futhi babuthakathaka phakathi kwenu, nabaningi balele." Qinisekani ukuthi nimi kahle kuNkulunkulu.

90 Nakhu esithunzini, ukuthi, akukho-muntu kodwa ngabasokiweyo! Akunandaba ukuthi wayethembeke kanjani, ukuthi wayelisize kanjani ibandla lamaJuda; wayefanele abe yiproselite, wayefanele abe yikholwa elisokwe ngempela, ngaphambi kokuba athathe isidlo, noma adle iphasika. O, siqhele kude kangakanani nomugqa namhlanje!

91 Manje asihambe ngokushesha manje-ke. NoNkulunkulu ubakhiphile kulobubusuku. Manje siphenya evesini 13 lesahluko 14.

92 UNkulunkulu wabanika iNsika yoMlilo ukuba ihambe phambi kwabo. Ngicabanga ukuthi bebenaso isithombe lapha, kulobubusuku. Futhi ngikusho ngenhlonipho. Ngombono wami oqotho, siselapha kuleliqembu kulobubusuku, ngikholwa ukuthi Leyo inathi kulobubusuku. INsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwaIsrayeli, ihamba phambi kwethu, yenza izibonakaliso nezimangaliso ezifanayo. Futhi noma yimuphi uthisha lapha, noma umfundi weBhayibheli, uyazi ukuthi iNgelosi eyalandela uIsrayeli futhi yabaphelekezela beya ezweni lesithembiso, yayiyiNgelosi yesiVumelwano, okwakunguJesu Kristu.

93 Futhi, namhlanje, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade" ulandela phambi kwaleliqembu elincane enifuna ukulibiza ngabaginqiki abangcwele, uma nifuna. Kulungile.

Eqhubeka, ehola ukusuka ekunqobeni kuya ekunqobeni! Akabongwe uNkulunkulu!

94 Kulezozizwe, kulezozinsuku, babedelelwa futhi bezondwa futhi benqatshwa, futhi baliwa yizizwe, futhi bebizwa ngakho konke.

95 Kunjalo nanamhlanje, ngekholwa leqiniso. Nina, emabandleni enu, niyazi, uma nithatha isinqumo sokumela uKristu futhi nikhulumele iQiniso, lonke ibandla lithi, "Ake nimbheke! Ulahlakelwe yingqondo. Useyahlanya." Niyabo?

96 Ningakunaki lokho. Landelani niqhubeke. Senihlome ngakho konke manje. NeGazi lihamba phambi kwenu; uMoya oNgcwele unihola. Qhubekani nje nihambe. Ningakunaki enikutshelwa hhayi yinoma ubani. Bhekani phambili eKalvari, bese nimasha niye phambili. Umfanekiso omuhle!

97 Manje, babephumile, bedlula, futhi bathola . . . Futhi manje qaphelani, ukuhlenga kwegazi kwabakhipha eGibhithe, manje babefanele babe nenye into manje yokubawelisela ezweni. Manje sebeqala ukuqala nje. Base bephumile, basokwa, bafika phansi kwegazi, futhi basuka bamasha. Manje base bekhuphukele kweny'into. Babehambisana lapho, bazi ukuthi base bephumile ekufeni bangena ekuphileni; bazi ukuthi base benokuPhila okuPhakade.

98 Kodwa nampa, benyuka manje, nobunzima buqala ukukhula. Nakhu kufika impi kaFaro, ibavumisa ngenkani, ukuba ibathathe. Kwangena inkathazo.

99 Lalelani! "UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu, usizo impela ngesikhathi sokuhlupheka." O, ngiyethemba niyakubona lokhu. Niyabo? Nakhu. Azi . . . Kodwa, lalelani, ivesi 13 manje.

*UMose wathi kubantu, Ningesabi, . . .*

100 Ngiyakuthanda lokho. Emva kokuba uJesu esevuke kwabafileyo, amaZwi aKhe zonke izikhathi ayethi, "Ningesabi."

101 Yileyo inkathazo eBandleni namhlanje, ngukwesabela ukufa ukuthi nizokwehluleka. Ningehluleka kanjani nxa nikuKristu na? Ngeke nehluleka. NinokuPhila okuphakade. Onke amademoni esihogweni angeke anizamazamise. NinokuPhila okuphakade. UJesu washo njalo. Ngakho ningakwesabi ukwehluleka.

102 Wena uthi, "Awu, ngiyesaba ngizoba wuhlanya." Ngingaqoka ukuba nobuhlanya obuncane kunokuhlala ngithule futhi ngingenzi lutho. Impela bengingaqoka lokho. Umuntu ozokwenza okuthize . . .

103 Kuyashiwo ngokukaBallard lapha, umfo ufikela ukuzothola umsebenzi kuye, futhi wathi, "Sayina igama lakho lapha."

Wathatha ipensela lakhe, ukuba asayine. Wathi, "Ikuphi irabha yakho na?"

Wathi, "Angi . . . angenzi-maphutha."

Wathi, "Ngeke ngakusebenzisa; awuzukwenza lutho."

104 Kunjalo. Awenzi-maphutha, akusikho ukuthi—akusikho ukuthi anenzi lutho. Asihambeni, mfowethu. Sukuma uhambe. Ngiyamthanda uLongfellow lapho:

Ungangitsheli, ngezibalo ezidabukisayo,
Ukuphila kuyiphupho kuphela elingenalutho!
Nomphefumulo ufile lowo owozelayo,
Nezinto azisikho lokho ezibonakala ziyikho.

Wathi, yebo, ukuphila kuyinto ekhona! Nokuphila kuyisiqiniselo!
Nethuna alisiwo umgomo wakho;
Uluthuli, ubuyela othulini,
Kwakungakhulunywa ngomphefumulo.

Asisukume senze,
Ngenhliziyo kunoma yimuphi umbango;
Ungafani neziyizimungulu, izinkomo eziqhutshwayo!
Yiba yiqhawe!

105 Ungalindi abantu ukuba bakugqogqele kuKristu. Yima njengowesilisa noma inenekazi, uMemukele, bese uhamba uye phambili ngokunqoba. Amen. Yilokho uNkulunkulu akufunayo, amahlikihliki, amabutho azilungiselele. Ungahle ungabi, ngosinda amaphawondi ayikhulu nanhlanu, kodwa ungabe usenguye obomvana, mfowethu, futhi ugcwele amandla, uma nje uzodedela uNkulunkulu abe nendlela yaKhe. Ngike ngabona indoda esinda amaphawondi angamakhulu amabili, ingenalo iawunsi lobudoda kuwo. Kunjalo. Kulungile. Qaphelani.

*. . . UMose wathi kubantu, Ningesabi . . . qinani, nibone ukusindisa kweNKOSI, . . .*

106 Kuhle lokho. Velani nimashe nje. Ningesabi lutho. Uma nemukele uKristu njengoMsindisi wenu, qhubekani.

107 "Mfowethu Branham, ngifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Yiba ulokhu uqhubeka nje. Ungesabi.

108 Wena uthi, "Ngiyagula manje, Mfowethu Branham. Angikwazi ukuqhubekela phambili." Ungakhathali. Yiba ulokhu uqhubeka nje; ubone insindiso yeNkosi yethu! Uyemukele. Qhubekela phambili nje.

109 "Kuzoba kanjani na? Udokotela ungalile." Manje, umfo wenze okuhle okwedlula konke angakwenza, kodwa uNkulunkulu akakakwenzi okuhle kwaKhe okwedlula konke okwamanje. Kunjalo.

110 Kancane nje, mlaleleni manje. Kulungile.

> *. . . iNKOSI, ezakunenzela khona namuhla: ngokuba abaseGibhithe* (abacwaningi, itruth-. . . umuntu onochuku) . . .

111 Uthi, "Mfowethu Branham, uma nje ngingayeka ukubhema! Uma nje ngingalubeka phansi uphuzo! Uma nje ngingayeka ukweba kwami! Uma nje ngingayeka ukwenza kwami *lokhu, lokho,* no*kunye."* Ungakhathali. Hamba nje uqhubeke. UNkulunkulu uzokunakekela konke okunye.

112 "Uma bengazi ukuthi bengingakwenza, Mfowethu Branham, Bengizomemukela njengamanje uKristu." Ungakhathazeki. Qhubeka. Qhubekani nje. Nizobona insindiso yeNkosi!

> *. . . ngokuba abaseGibhithe enibabonile namuhla, anisayikubuye nibabone naphakade.* (Amen. Kuzoxazululwa, emva kwesikhashana.)
>
> *INKOSI izakunilwela, no* bayi . . . *thula nina.*
>
> *INKOSI yayisithi kuMose, Ukhalelani kimi na? yisho kubantwana bakwaIsrayeli, ukuba bahambe:* (Ngiyakuthanda lokho.)

113 Ungazami ukuthi, uthi, "Awu, ngajoyina ibandla, eminyakeni eyishumi eyedlula, Mfowethu Branham. Bengiyilunga elethembekile." Kuhle lokho; ngiyakuthokozela lokho. Kodwa asiye phambili, kulobubusuku. UNkulunkulu uya phambili. Abantu namhlanje, lapha, babuyela emuva, bathi, "Awu, manje . . . "

114 Isayense, eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu eyedlula; kwakukhona isayense eFransi, eyayithi, "Uma umuntu eke wahamba ngejubane elesabekayo lamamayela angamashumi amathathu ngehora, amandla omhlaba adonsela phansi abengamthatha amphakamise emhlabeni, futhi ubeyoba ngosehambile." He! Amamayela angamashumi amathathu ngehora na? Usehamba amamayela angamakhulu ayishumi nesithupha ngehora manje. Awuyizwa neze isayense ikhomba emuva kulowomfo. Wayeqinisile ngosuku lwakhe, kodwa bona baphila kolunye usuku. Kunjalo.

115 Kodwa, thina bashumayeli, o, qhabo. "Ukuphilisa kukaNkulunkulu na? Manje ake ngibone ukuthi—ukuthi uMoody oNgcwele, uFinney, uKnox, uCalvin, abanye babo bathini ngaKho." Babeqinisile ngezinsuku zabo. Kodwa siya phambili, siqhubekela phambili. Sinenye into.

116 UJesu washo, emfanekisweni lapho, womhlwanyeli, ngenkathi umhlwanyeli ephuma ukuyohlwanyela izimbewu. Nenye . . . Isitha siyafika khona lapho sase sihlwanyela ukhula kukolo. Wathi, "Kuyekeni kukhule kanyekanye."

117 Nihlala njalo nikhomba ukuthi izwe liba libi kanjani, kodwa niyehluleka ukubona ukuthi iBandla liba namandla kanjani, ngesikhathi esifanayo. Liyasukuma, limi ensimini. Okungukuthi, Lingumhlambi omncane, kodwa, mfowethu, uNkulunkulu unaLo. Futhi Lizonqoba ngokuqiniseke ngempela njengoba uKristu avuka kwabafileyo. Amen. IBandla likaNkulunkulu alisoze lehluleke. "Amasango ehayidese awayikuLahlula." Kwakukhombisa ukuthi babezomelana naLo, kodwa ngeke bahlule. IBandla lizonqoba, ngeGazi likaJesu Kristu, kumaka wokunqoba. Ngiqinisekile ngalento eyodwa, ukuthi uNkulunkulu uzoba neBandla elingenabala, nambimbi, noma nasici. Amen. Ngijabula kakhulu ngalokho.

118 Manje, "Uma ngikuleloBandla." Amen. "Mfowethu Branham, ungena kanjani kuLo, ngencwadi na?" Qhabo. "Ungena kanjani kuLo na?" Ngokuzalwa; uzalwa kuLo!

119 Bengisemndenini kaBranham, kuzoba yiminyaka engamashumi amane-nanhlanu, usuku lwesithupha lukaloApreli ozayo, futhi abazange bangicele ukuba ngijoyine umndeni wabo. Ngazalwa nginguBranham. Ngiyoba nguBranham njalo.

120 Ngazalwa ngingumKristu, kuJesu Kristu. Ngiyoba ngumKristu, ngoba uNkulunkulu ukumise kanjalo, ngokukhetha. Wasibiza, ngomusa weNdodana yaKhe uQobo ethandekayo. SiyaMemukela futhi sinokuPhila okuPhakade. "Ngakuxhawulana kunye na"? "Ngabulunga-bunye na"? "Ngancwadi-yinye na"? "NgaMoya-munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye, uJesu Kristu," futhi lapho sibe ngabafo abayizakhamizi zoMbuso.

121 Bengicabanga namhlanje, njengoba bengingekho ngikhuleka, ukuthi kukanjani ukuthi lolu wusuku esizophendula ngalo. Angizukuphendulela isizukulwane ebesiphambi kwami, noma isizukulwane esizoba semva kwami. Kodwa, ekwaHlulelweni, ngizoma nalesisizukulwane. Futhi ngithe, "Buka lapho, isithombe sowesifazane esayinini, ukuphuza ubhiya, enye into, uthe ube 'ngaphefumuli,' noma into ethize." Ngithe, "Yebo, nokungabi-nakuPhila, futhi." Kulungile. Nakho lapho okhona. Ngathi, "Ihlazo elinje pho!"

122 "Nakho konke ukushumayela," ngithe, "ngezinye izikhathi kubonakala sengathi," Ngitshele umkami, ngithe, "ngezinye izikhathi kubonakala sengathi akusizi lutho. Kodwa ngifanele ngibe yiphimbo lokwexwayisa, empeleni, kungakhathaleki ukuthi abantu wenzani ngakho. Ngifanele ngishumayele iVangeli, empeleni, bese nginikela ubufakazi ekuvukeni naMandla kaJesu Kristu." MabaLishiye, bese befulathela; uNkulunkulu uzobehlulela ekwaHlulelweni ngalo. Ngibophezeleke kuphela ngokushumayela, nabanye abefundisi futhi, oshumayela iVangeli.

123 Manje, ngiyaLithanda nje. Qaphelani, "Yanini phambili manje," futhi nizobona inkazimulo kaNkulunkulu. Kodwa, lalelani, ivesi 16 manje. Sifunda lokhu.

*Phakamisa . . . induku, . . .*

124 "Induku," leyo kwakuyinduku yokwahlulela. Manje, kwakungesiyo induku kaMose. Leyo kwakuyinduku kaNkulunkulu. Uma nizoqaphela, uMose, wathatha leyonduku, wayiphakamisa *kanje*, kufika amazeze. Wayiphakamisela phezu kwamanzi, aphenduka igazi. Kwakuyinduku kaNkulunkulu yokwahlulela. Naleyonduku efanayo . . . Ithole! Leyonduku efanayo kwaba yiyo ashaya ngayo idwala; nomfantu uvela ohlangothini lwedwala, namanzi aphuma edwaleni.

125 Manje, lelodwala lalinguKristu, futhi kwakungukwahlulela kukaNkulunkulu. "Mhla nisidla, ngalowomuhla niyafa." Kwashaywa uKristu eKalvari, futhi wahlawula lokho okumuncu, ukufa okubuhlungu. Akukho-muntu, akekho ongake abuchaze ukuthi babuyini, noma akasoze abakhona. Lapho uNkulunkulu wabeka konke ukwahlulela ngokukaNkulunkulu phezu kwaKhe, futhi waMshaya ohlangothini, ngenkathi ohlangothini lwaKhe kuphuma amanzi neGazi noMoya, kube ngukuhlengwa kwethu.

126 Ukuthi abantu basidweba kanjani isithombe saKhe, ngesinye isikhathi, Esongwe ngengubo, noma enye into, esiphambanweni. Lokho akunjalo. Bamlahla lowoMuntu, kukho konke ukungcola, into eyinhlamba ababengayenza; kodwa Wayefanele abe njalo. Wayelapho, ophakeme kunabo bonke nothembeke kunabo bonke ezweni, owake waba-khona noma oyoba-khona. Wase-ke echaywa, futhi wanquniswa, esiphambanweni, walinyazwa, washaywa, opha; imilomo yezikhwehlela zokubhuqa zilenga ebusweni baKhe; umqhele wameva wokubhuqa usekhanda laKhe. Kodwa kulapho ngenkathi Enqoba ukufa, isihogo, isono, nokugula, nethuna, futhi wasihlawulela thina sonke.

127 Kaningi kuthiwa, ngesinye isikhathi, "Kulapho ngenkathi Ethatha udosi lokufa." Yilapho uPawulu athi, "O kufa, luphi udosi lwakho na?"

128 Ngitsheliwe ukuthi izilwanyakazana eziningi, izinyosi nezinto, zinesitinyeli, futhi zinguphoyizeni, ngaso. Kodwa uma zike zatinyela kanye, zilahlekelwa yisitinyeli sazo.

129 Ukufa kwakunodosi kukho, ngesinye isikhathi; kodwa uKristu, eKalvari, wakhipha isitinyeli ekufeni. Haleluya! O, uma ngicabanga ngakho! Yilapho Adonsa khona isitinyeli siphume ekufeni, enzela mina nawe, lonke udosi lokufa.

130 UPawulu wathi, ngenkathi bezomquma ikhanda lakhe, etilongweni lamaRoma, wathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na?" Wakhomba emuva eKalvari, futhi lapho yilapho isitinyeli

sakhishwa khona ekufeni. "Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Wathi, "Kepha makabongwe uNkulunkulu, osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Amen. Kulungile.

> . . .*induku (*ukwahlulela), *uyelule*. . .mboze *u—ulwandle, ulwahlukanise: abantwana bakwaIsrayeli bazakuhamba* bawele *phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo.*
>
> *Mina, bheka, ngiyakuzenza-lukhuni* inhliziyo *zabaseGibhithe, bakulandele: ngizakudunyiswa ngoFaro, nangempi yakhe yonke,* na*ngezinqola zakhe, nangabamahashi bakhe.*
>
> *AbaseGibhithe bazakwazi ukuthi ngiyiNKOSI,* futhi *nxa ngidunyisiwe ngoFaro,* na*ngezinqola zakhe, nangabamahashi bakhe.*
>
> *Ingelosi kaNkulunkulu,*. . .

131 Lalelani! Bophisisani amahhanisi manje. "Futhi iNgelosi kaNkulunkulu, eyayihambile phambi kwempi kaIsrayeli," Isekhona lapha.

> . . .*ingelosi kaNkulunkulu, eyayihambile phambi kwempi kaIsrayeli, yasuka yahamba* ngemuva *emva kwabo; nensika yefu yasuka phambi kwabo, yema emva kwabo:* (noma, yenyuka isuka *lapha*, futhi yama emuva *lapha*; ukuhamba maphakathi ngesikhathi senkathazo.)

132 Uma inkathazo iqala ukubhekana nawe, ukugula macala onke, inkathazo, iNgelosi kaNkulunkulu iyenyuka, iphume ibe phakathi kwakho nokugula, futhi ime lapho endleleni, inselelo kuwe ukuba uthathe iZwi likaNkulunkulu.

133 UNkulunkulu wayekade enike uIsrayeli isithembiso, ukuthi babezohamba bangene ezweni. Kwakukhona isigidi, mhlampe, sendoda, eza, ukubaxosha futhi babagijimise babehlise, futhi babagence babalahle phansi, njengesigejane sezilwane. Kodwa iNgelosi yeNkosi, Eyayilapho ukubathwala ibayise ezweni lesithembiso, yavuika empini yase ihamba yase ima phakathi kwabo nengozi.

134 Haleluya! Isakwenza. Iyokwenza indlela. O, ngiyaYithanda nje ngalokho, aniyithandi nina na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Iyokwenza indlela yawo wonke umuntu ogulayo ohlezi lapha khona manje. Isivele iyenzile indlela, futhi Imi phakathi kwakho nenkathazo.

135 Futhi ngiyazi Ilapha khona manje. Ungangibiza ngohlanya uma ufuna; anginasibopho kulokho okushoyo. Kodwa nginesibopho salokho engikushoyo, phambi kukaNkulunkulu. Kodwa Lowo Owahola abantwana bakwaIsrayeli, uma khona ngikwahlulele kahle, kulokho kuKhanya enikubonayo kulobubusuku, noma enibone lesosithombe. Ngicabanga

ukuthi bayazikhipha kulobu ubusuku. LeyoNgelosi efanayo kaNkulunkulu ikulendlu khona manje, ukwenza khona impela nje uJesu akwenzayo ngalolosuku. Ilapha ukuqinisa. Khona nje Eyakwenza ngaleyonkathi, Iyakwenza manje, futhi iyohlala njalo ifana. INgelosi kaNkulunkulu, Yenyuka ukuba ime phakathi kwethu nokugula, imi phakathi kwethu nokufa.

136 Akumangalisi uDavide athi, "Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi: ngokuba Wena unami." Impela.

137 Imi lapho, iNgelosi kaNkulunkulu yahamba ngaphambi kwempi kaIsrayeli, futhi yasuka, futhi yahamba futhi yama phakathi kwabo nesitha.

138 NeNgelosi kaNkulunkulu imi, kulobubusuku, phakathi kwawo wonke umuntu ngamunye lapha nesitha. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngiyazi, ngisami lapha emsamo, phambi kwaleliqembu elincane labantu kulobubusuku, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uzehlisile, ehla evela eNkazimulweni, futhi emi kulendlu manje. Uma kuphela nizoba nesibindi sokuphumela eZwini likaNkulunkulu, nibone ukuthi Ayihambi yini phambi kwenu. Bhekisisani.

139 Futhi Yafika phakathi kwempi nabaseGibhithe. Iza phakathi kwenu nokugula kwenu. Imi phakathi kwenu nezono zenu, khona manje. Ngani? Sisophumweni lweBandla. IGibhithe njalo lalibizwa ngezwe, futhi ngenkathi uIsrayeli ephuma e . . . Khumbulani, babengamalunga ebandla ezansi lapho. Kodwa emva kokuba sekwenziwe igazi nokubuyisana, baba ngabasokiwe bakaNkulunkulu.

140 Nokusoka, namhlanje, ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. "Nonke," kwasho uStefanu, "nonke nina eningasokile enhliziyweni nasezindlebeni, yini ukuba nimelane njalo noMoya oNgcwele na? Njengalokhu kwenza oyihlo, nenza kanjalo nani." UMoya oNgcwele wasoka enhliziyweni, unquma izinto zezwe. Kwakuvamise ukuba yibandla lobungcwele lefeshini endala elalibuphila, liziphathisa okwabo, liphilisa okwabo. Kodwa, namhlanje, kufana nalo lonke nje izwe. Yihlazo. Siwise imigoqo.

141 Omdala uMfowethu Spurgeon wayevamise ukusho, umshumayeli wamaMethodisti omdala ongumngane wami, wayevamise ukucula iculo.

> Siwise imigoqo, siwise imigoqo,
> Sixegisela isono.
> Siwise imigoqo, izimvu zaphuma.
> Zingene kanjani izimbuzi na?

142 Ngoba niwise imigoqo! Yilokho-ke. Niwise izinga lokuphila kwamaKristu, ngoba amakholiji achamsele abashumayeli abambalwa ase ebathumela phansi ukuba baxegise eQinisweni. Kodwa uMoya oNgcwele ubuhlala njalo ulapho ukugxeka isono,

futhi kulobubusuku umi phakathi kwekholwa nezinto zezwe. Amen.

> *Yafika phakathi kwempi yaseGibhithe nempi yakwaIsrayeli; yaba ifu* lo*bumnyama kubo, ngalapa yakanyisa ubusuku ngalapa: ukuze izimpi zingakwazi ukusondelana ubusuku bonke.*

143 Bukani, into efanayo eyanikwa *leli* iqembu lamakholwa, ukuKhanya, kwaku*ba*phuphuthekisa.

144 Kulungile, fakani amajakhethe enu avimbela ukwethuka. Nakhu kufika. Bukani, wonke umuntu onqaba ukuKhanya uhamba eyimpumputhe futhi uhamba ebumnyameni ngoba anikwemukeli ukuKhanya. Amen. UNkulunkulu uthumela abefundisi abashumayela iVangeli. Uthumela izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwabantu, ukuLiqinisekisa ukuthi liyiQiniso; nabantu bayaLenqaba, akusekho okusanisalele kuphela ubumnyama. Hamba ekuKhanyeni ukuKhanya kusakhanya, mfowethu. Yemukela ukuKhanya. UKristu ungukuKhanya. Ufikele ukunilethela ukuKhanya. Kodwa labo abenqaba ukuKhanya bemukela ubumnyama. Futhi wonke owesilisa nowesifazane, kulobubusuku, onqaba ukuKhanya, uhamba ebumnyameni, engazi lapho eya khona. Uyabhadazela ngakokuhle, edumile kubantu, kodwa engazi ukuthi umi kanjani eBukhoneni bukaNkulunkulu.

145 Kugapheleni! Into emangalisa kanje pho lapha. WayengukuKhanya komunye, nobumnyama komunye. AmaIsrayeli, ngaleyonkathi, emva kokuba uMose ekhulekile, base bekwazi ukulala phansi ngokuthula. Manje bhekisisa.

> *UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle; neNKOSI yemukisa ulwandle ngomoya onamandla wasempumalanga ubusuku bonke, waphendula ulwandle lwaba ngumhlabathi owomileyo, amanzi ahlukana.*
>
> *Abantwana bakwaIsrayeli ba*ya khona *phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo:*. . .

146 Uma nizoqaphela, ngenkathi abantwana bakwaIsrayeli, ababephumile ebumnyameni futhi bemukela ukuKhanya, ngenkathi bengena enkathazweni, ukuKhanya kwajika kwabheka emuva. Futhi balala ubusuku bonke. Futhi ngenkathi besalele, uNkulunkulu wayethumela umoya, uvunguza uya ezansi unqamula ulwandle, uvula indlela yokuphunyuka.

147 Haleluya kulo iWundlu! Ngijabula kakhulu ukuthi ngigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kulobubusuku. Ngenkathi sisalele, sithokoza, siphumule esithembisweni sikaNkulunkulu!

148 UNkulunkulu wabethembisa, ukwenza indlela yokuphunyuka. Futhi ngenkathi besaphumule kulesisithembiso, uNkulunkulu wayesezansi lapho, phambi kwabo, evula indlela.

149 Wonke owesilisa nowesifazane, kulobubusuku, ozokwemukela uJesu Kristu kulezozinkundla; uMoya oNgcwele, ngenkathi nisalele, ngenkathi nisaphumule esithembisweni saKhe. Mhlawumbe ukhubazekile; mhlawumbe uyimpumputhe; mhlawumbe awuzwa; mhlawumbe awuboni; mhlawumbe uyagula; isifo senhliziyo, umdlavuza, noma okuthize, ufa. Yemukela ukuKhanya, kulobubusuku, bese uphumula phezu kwaKho.

150 Nomoya, uza njengokuvunguza komoya onamandla ngoSuku lwePentekoste, uzokwehla wedlule lapho futhi univulele indlela, haleluya, ukuthi nizokwedlula ngqo esigodini sokugula, nibuyele ngqo ezweni lempilo futhi. Nizokwedlula ngqo kulelozwe lamakhaza, okuyikho ngegama nje, ukuboshelwa phansi ngamaketango, izinkolo ezinganaki; niye kwegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ejabule, ethokozayo, inhliziyo egcwele injabulo.

151 UNkulunkulu ukhombisa amandla aKhe, futhi wayewakhombisa. Ngiyaxolisa, ngiphakamisa kakhulu izwi. Ekhombisa ukuhlenga ngamandla. Wakhombisa ngegazi emuva lapho, entweni eyodwa. Wakhombisa amandla aKhe lapha, ngeGazi laKhe, ngokuhlenga. Wakhombisa amandla aKhe ukuphunyuka ekufeni, ngegazi. Wakhombisa amandla aKhe ukwenza indlela yokuphunyuka, ngokuhlenga kwamandla.

152 Futhi, namhlanje, nina enemukele, amen, nina enemukele iGazi likaJesu Kristu, ukuba linihlanze esonweni, amandla kaMoya oNgcwele alapha ukuba aniholele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. AMandla kaNkulunkulu alapha ukuba aniguqule nisuka ekuguleni niye ekuphileni. UNkulunkulu, eqhubeka, ophumweni lweBandla laKhe! Seliya ekuqhakazeni, lapho uNkulunkulu ezobuthela khona, emva kwesikhashana, ukudla kwaKhe okusanhlamvu. Kuyamangalisa, liphuma ebumnyameni, lingena ekuKhanyeni okuyisimangaliso! Sikuthanda kanjani pho lokho! Ngikuthanda kanjani pho! Ukuthi lokho kusho ukuthini emphefumulweni wami, kulobubusuku! Bangane, nina . . .

153 Bengikhuluma nendoda namhlanje, ehlangane nami nje ngenkathi ngisephandle. Futhi ithe, “Bengizama ukutshela abantu.” Yathi, “Sengishintshe kakhulu, Billy, kusukela usengumfanyana.” Yathi, “Wawuvamise ukuza ngapha bese uyangitshela, endaweni yami yebhizinisi, ukuthi ngangifanele ngibuyisane noNkulunkulu, ngangifanele ngibuyisane noNkulunkulu.” Yayisithi, “Ngangithi ukukuhleka. Kodwa,” yathi, “Billy, izinto sezishintshile manje.” Yathi, “Sengiyazi manje ukuthi ukhuluma ngani.”

Ngacabanga, “Akabongwe uNkulunkulu!”

154 Yathi, "Ngiyazama ukutshela abanye ngakho," futhi yathi, "bayoshintsha udaba bese beyokhuluma ngephepha elihlekisayo noma into ethize. O, akusimi. Lomfo olandelayo ongale ekhoneni, angahle afe. Nguye olandelayo. Mhlawumbe inombolo yakhe yiyo elandelayo, engazi ukuthi ekabani inombolo elandelayo." Kungahle kube ngeyakho, kulobubusuku, mngane. Lesi kungahle kube yisikhathi uNkulunkulu akubiza ngaso.

155 UNkulunkulu, uMoya oNgcwele omkhulu, umi lapha kulobubusuku, phakathi kokufa nokuPhila; umi lapha kulobubusuku, phakathi kokugula nokuphila. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Kunjalo. Khona manje, uMoya oNgcwele ofanayo eniwuzwayo manje, wonke umuntu ozelwe ngokusha ubophezelekile ukuba awuzwe lowoMoya endlini. Awukwazi ukuhlala ungawuzwa. Uma unakho ukuPhila, uyazi ukuthi Ukhona. Kulungile.

156 Kanjani njengozibuthe, uma u . . . Uma uzibuthe omkhulu usondela eduze kwensimbi, iqala ukunyakaza nokugaqa, (ngani na?) ilokhu isondela kakhulu. Njengozibuthe omkhulu wehla, phezulu lapha, ngesinye isikhathi, eHammond, eIndiana. Ngangibabhekisisa becosha izingcwecwe, phansi. Badonsa umgxala omkhulukazi; phansi kuphuma omkhulu uzibuthe. Futhi bazishanela zaphuma zonke izingcwecwe phakathi nendawo phansi. Futhi lapho wedlula, zonke lezozingcwecwe ezazibutheka kuzibuthe, insimbi, zenyuka ngqo futhi zahamba nozibuthe, zaphuma. Futhi bayakususa kumazibuthe, bese bekuwisela esiqongweni esincane, bese bekubumba futhi. Kwakukhona inqwaba yezingcwecwe zensimbi ialuminiyamu ezasalayo. Ngathi, "Azihambanga ngani na?"

Wathi, "Azibutheki kuzibuthe."

157 Ngathi, "Akabongwe uNkulunkulu." Ngathi, "Azihambanga ngani lezi, phansi lapha, lophisi wensimbi na?"

Wathi, "Uma uqaphela, ufakelwe ibhawodi phansi."

158 Futhi kuthi akube njalo njengenqwaba yabantu kulobubusuku, bangane. Uphenduke waba yilunga lebandla, kodwa awubutheki ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Manje-ke udedele into ethize ikubophele phansi ngamaketango, omunye umehluko, ukubophele phansi ngamaketango.

159 Kodwa ngolunye lwalezizinsuku, kukhona uzibuthe omkhulu ovela eMpumalanga, obizwa ngeNdodana kaNkulunkulu, ozoshanela lelizwe. Futhi wonke umuntu ofile kuKristu uyovuka kanye naYe, ukuba aye ngaleya. Nalemizimba emidala iyoguqulwa futhi yenziwe ifane naYe, emzimbeni waKhe uQobo okhazimulayo, lapho esiyophila khona kuze kube-phakade naphakade, sikhululekile ekuguleni, sikhululekile ekugugeni, sikhululekile kunoma yikuphi okunye; futhi siseNkazimulweni kaNkulunkulu, ukuba siphile

eBukhoneni baKhe obubusisiweyo kuze kube-phakade. Amen. Ningakuvumeli lokho kunesabise. Ngizizwa ngigcwala ukholo khona manje. Impela ngiyazizwa. Kulungile.

160 "Ngokuba ngiyazi umhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma kulomhlaba; noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu; engiyakumbona uqobo lwami; amehlo ami ayakumbona, futhi kungabi njengomfokazi."

161 Ningacabangi ukuthi ngiyahlanya. Angihlanyi. Uma ngihlanya, ngiyekeni nje. Ngijabule kakhulu ngalendlela kunalokho engangiyikho ngenye indlela. Yebo, mnumzane. Ngiyekeni nje ngihlale ngalendlela. O, impela, "ukuhlanya." ezweni, ngokuba, lezozinto izwe elizibiza ngokuhlanya, uNkulunkulu uzibiza ngezibusisiwe. Uzofanele u "lahlekelwe yingqondo yakho," kulelizwe, ngoba (ngani na?) awusuye owalelizwe.

162 Uma ninqamula kulowomugqa owehlukanisayo, niba ngabafo abayizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu. O, he! Kuhle kanjani na? Ngani, uba yisidalwa esisha, (o, he) waguqulwa kulokhu oyikho manje. "Manje seningamadodana kaNkulunkulu. Manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini." Hhayi ukuthi, "siyoba," esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Sikuso manje, khona manje singamadodana kaNkulunkulu. "Khona manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, kuKristu Jesu," hhayi nje ebandleni, "kuKristu Jesu."

163 INkosi uJesu ovukileyo ulapha. Ulapha ngamandla aKhe. Ulapha emandleni aKhe okuhlenga. Ulapha enzela uphumo. Ulapha ukuletha lonke ilunga lebandla lingene enhlanganyelweni naYe. Ulapha ukuletha sonke isoni, akunandaba ukuthi uphansi kangakanani, Ulapha ukuletha amandla okuvuka kwaKhe angene empilweni yakho bese ekwenza ube yisidalwa esisha.

164 Lapha, eminyakeni embalwa eyedlula, zonke izinkolo zezwe zahlangana, ngikholwa ukuthi kwakuseLandani, eNgilandi, noma kwenye indawo. Angikhumbuli kahle hle. Kodwa, ngenkathi bonke bekhulumela amabandla ehlukene, abakaMohamede, nabakaBuda, nakho konke. Omncane... umfo owayemele ibandla iAmerican Holiness, uJohn Witt, ngiyakholwa, kwakuyigama lakhe. Ngakho-ke ngenkathi esukuma, sekuyisikhathi sakhe sokuba akhulume, zonke izinkolo zazimelwe kulombuthano omkhulu, waxoxa ngendaba kaLady Maccabee, ukuthi wayephansi kanjani; waboshwa eOklahoma, enesigazu emlonyeni wakhe, eshayela i...noma ephula umthetho wejubane, edabula emigwaqeni ngekalishi elidonswa amahhashi. Wayenze okuningi ukubulala, futhi engcole kabi, futhi enesimilo esibi kabi, kwaze kwathi,

ngenkathi beyomfaka itiyela futhi bamfake izimpaphe, babengamthinti ngisho nangezandla zabo, besaba ukuthi babezokonakala.

165 Futhi ngenkathi esexoxe indaba samdlalo wasesiteji, kwaze kwathi wonke umlaleli wahlala ekugcineni kwesihlalo sabo. Wathi, "Banumzane abahloniphekile, bezinkolo zalelizwe, ngabe inkolo yenu inakho yini okungahlanza izandla zikaLady Maccabee na?" Akukho-muntu owathi-vu. Wagxumela emoyeni futhi wakhahlela ngezithende zakhe ndawonye, futhi washaya izandla zakhe. Wathi, "IGazi likaJesu Kristu ngeke lihlanze izandla zakhe kuphela, kodwa Liyohlanza inhliziyo yakhe." Amen. Kunjalo.

166 IGazi likaJesu Kristu liyothatha isifebe esiphansi kunazo zonke eLouisville, eKentucky, futhi lenze inenekazi, ongcwele ngaso. Liyokhipha ugweva endaweni phansi ngaleya, futhi limenze abe ngumnumzane ohloniphekile, nongcwele kaNkulunkulu.

167 Bangane bami, zakhamizi zoMbuso, bantu bakwethu baseKentucky naseIndiana, nabazungezile! Anicabangi yini, kulobubusuku, ukuthi sekuthi akube yisikhathi sokuba ninake leNkosi uJesu, ngaphambi kokuba ithuba lenu lokugcina lithathwe na?

168 Nxa, nibona iBandla liyongena kuloluphumo olukhulu, sibona iNsika yoMlilo ihola phambi kwethu; imile, yenza izimangaliso nezibonakaliso. Ulapha, kulobubusuku, kuwo onke amandla aKhe ahlengayo. Ulapha ukwenza-ngcwele, sonke isoni, ukubuyisa wonke umhlubuki. Ulapha ukuphilisa wonke umuntu ogulayo.

169 UyiVangeli eligcwele. Futhi sishumayela iVangeli eligcwele; sidla iWundlu lonke. SiLosa ngoMoya oNgcwele, futhi sazi ukuthi Lingukudla okumnandi, ngokuba uMoya oNgcwele usibhulele ukuthi Limnandi ngempela. "Nambithani nibone, iNkosi imnandi. Linambitheka njengoju edwaleni."

170 INkosi yethu uJesu lapha, othandweni nasemandleni aYo, ezibusisweni zaYo zokuhlenga ezinkulu! O, Imi kanjani phakathi kwebandla nesono, kulobubusuku! Ukuthi Imi kanjani phakathi kwenu nokwahlulelwa; yopha, ikhuleka!

171 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngahamba ngayongena endaweni enhla lapha eOhio, lapho engangikade ngisanda kuphosa umbono wami ngokwahlulelwa. Ngangikade ngidla esitolo esincane othenga udlele kuso iDunkard. Sasinomhlangano omkhulu. Ngadingeka ukuthi ngihlale amamayela amaningana ngaphandle ezweni, ehhotela elincane labahamba ngezimoto. Ngangikade ngidla esitolo othenga udlele kuso iDunkard; abantu abanomoya omuhle abathandekayo, futhi ngeSonto bavala base beya esontweni. Ngadingeka ukuba

ngiye kwejwayelekile encane, evamile, indawo yaseMelika ukuba ngiyodla idina lami.

172 Ngenkathi ngingena emnyango, okwangimangaza, nakho kumi iphoyisa likahulumeni ligaxe intombazane, lidlala emshinini wokudlala imali. Manje, ukugembula akuvunyiwe eOhio, futhi lapho umuntu womthetho uqobo lwakhe ephula umthetho. Futhi mhlampe, umuntu onguntanga yethu, mhlampe eganiwe, enomndeni ndawo ndawo; egaxe intombi ethize imi lapho.

173 Ngabheka emuva ngaphesheyla kwesitolo othenga udlele kuso, abanye abafana behlezi lapho, bedakiwe, nentombi ingaziphathi nhlobo kahle. Ngabheka, kuhlezi phansi, ngakwesokudla sami lapha, esitodlwaneni esinompheme. Engase, ngilungiselela ukuhlala phansi.

174 Nakho kuhlezi inenekazi eseligugile, lilapha emashumini amahlanu-nesishiyagalombili, lineminyaka engamashumi ayisithupha ubudala, lilidala ngangomama wami; lihlezi lapho, isikhumba sonke sishwabene, ligqoke izingutshana ezincane. Futhi, o, kwakukubi kabi. Nezinzwane zalo zipendwe ngokuphephuli, izindebe zalo zipendwe ngokuphephuli, into ebukeka yesabeka ukwedlula yonke owake wayibona. Izinwele zalo zigundwe zamfishane ngempela zase zenziwa imiyeko zabheka phezulu *kanjalo*. Futhi laliphuza.

175 Nakho kuhlezi amadoda amabili nalo, ehlezi lapho, ebukeka emabi, edakiwe, nenye yawo ilele inqume emapleytini etafula. Futhi ngenkathi ecela uxolo, ayesephuma eya endlini yangasese . . .

176 Ngama lapho. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, Ungakumela kanjani na? Ungayibuka kanjani into enjalo na? Lapho, ngisho nasenhliziyweni yami, futhi ngimubi nginje, nokho, ngisamangala uma uSara wami omncane benoRebekah bezokhulela esizukulwaneni esinje ukubona lokho kuza. Nkosi, yini Ungavele nje ukushanele kusuke ebusweni bomhlaba na?" Ngacabanga, "Awukwenzi ngani nje, Nkosi na?"

177 Ngihlala phansi lapho ngase ngiqala nje ukukhala izinyembezi. Ngabona umbono. Ngabona, kwaba sengathi, izwe lishwibeka emoyeni, futhi nakho kumi uthingo lwenkosikazi luzungeze lelozwe. Nomunye owayekhuluma nami, wathi, "Lelo yiGazi likaJesu Kristu, elizungeze lelizwe, eliMvimba ukuba angalibhubhisi. Uma uNkulunkulu engabona isono, 'Mhla niwudla, kumhla nifa.' Wonke umuntu ongaphansi kwaleloGazi lapho, une . . . ungozikhethelayo, ukuba uzikhethele. Kodwa uma uke uze ufe, nomphefumulo wakho ugwedle wedlule ngaphambili le kwesihawu saleloGazi, usuvele wehlulelwe ngaphambi kokuba ufike lapho. Akukho okusakusalele."

178 Ngase ngizibona mina uqobo. Ngabona iNkosi yami uJesu emi lapho, enomqhele wameva ekhanda laKhe, nezinyembezi zehla, zixubene negazi, lapho zigezeka entshebeni yaKhe. Futhi ngabona izono zami zifika phambi kwaKhe, futhi njalo uma zifika phambi kwaKhe kanjalo, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . waze Waqhaqhazela. Ameva ayegwaza ebunzini laKhe, kakhulu. Wayebhadazela ahlehle. Athi, "Baba, mthethelele, akakwazi akwenzayo." Ngiphinde futhi ngenze into ethize, futhi manje-ke iGazi laKhe lalinjengebhampa emotweni, ivikela imoto, lingivikela okwesihlangu olakeni lukaNkulunkulu, nga ngingafanele.

179 Futhi ngiza kuYe, kancane, ngaguqa phansi kuYe. Ngathi . . . Ngabheka phansi lapho, kulele phambi kwami, futhi kwakukhona incwadi endala yesono, negama lami libhalwe lanquma phezulu. Ngathi, "Nkosi, Uzongithethelela na?"

180 "Impela," Wathi, ngamehlo anothando; welulela ngasohlangothini lwaKhe, wakhipha iGazi, wase eyabhala kuyo, "Uxolelwe." Wase eyiphosa emuva oLwandle lokuKhohlwa. Wathi, "Manje . . . "

Ngathi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

181 Wathi, "Manje, Ngiyakuthethelela; kodwa wena uyalilahla." O, lokho kwaguqula isithombe, kimi.

182 Ngi—ngiyaphuma kuwo. Ngaya lapho ngase ngihlala phansi kulo, ngase ngiqala ukukhuluma. Futhi lalinempilo ehlalisana kabi emuva phambi kwalo. Ngathi, "Awukaze ube ngumKristu na?"

Lathi, "Ngakhuliswa ekhaya lamaKristu."

Ngase ngithi, "Kwenzekani pho?"

183 Langitshela mayelana nokungabikho kokuholana nendoda yalo, nokuthi babekanjani abantwana, kanjalonjalo. Ngathi, "Yonke, yonke leminyaka, awukaze uhlale ngokuthula selokhu wahlangana noNkulunkulu na?"

Lathi, "Mnumzane, yiqiniso lelo?"

Ngathi, "UngeMamukele khona manje."

Lathi, "Uzongithatha na?"

Ngathi, "Ungqongqotha enhliziyweni yakho manje."

184 Futhi kuso lesositodlwana esinompheme, lapho phansi, futhi ngaguqa phansi phambi kwalezozethameli zabantu; imishini yokudlala imali yama, ukuthuka okunenhlamba kwama, nayo yonke enye into. Ngase ngiphakamisa izandla zami, nezandla zami . . . nalezozandla esezishwabene bandla, futhi ngaliholela kuJesu Kristu. Kunjalo. Yilokho-ke, bangane. Ningabheki . . . uJesu . . .

185 Angikhathali ukuthi wenzeni, ukuthi izono zakho zimnyama kanjani, ukuthi impilo yakho inenhlamba kanjani; uNkulunkulu umile, kulobubusuku, engqongqotha emnyango wenhliziyo yakho, ukuba akuthethelele, akunandaba ukuthi ungubani.

186 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu. Dadewethu, woza kwiogani lapho, ungeza?

187 Baba waseZulwini, o, ngikhulekela ukuthi Uzovele nje manje. . . uMoya oNgcwele usahamba endlini. Masifune kuqala uMbuso, ukuba sifumane umusa kuWe, khona-ke ngikholwa ukuthi Uzophilisa abagulayo. Kodwa khona manje, Baba, ngisezwa ukuthi kukhona elikhulu, elijulile isasasa nokuhlabeka, abantu bazi ukuthi iBandla laKho lisophumweni, futhi sibheke ngasekwaHlulelweni. Singazi kodwa, ekuseni, omunye angeza eceleni kombhede, futhi lapho silele, sesishonile. Ngalesisikhathi, kusasa ebusuku, mhlawumbe emakhazeni ndawondawo, nemiphefumulo yethu ngaphandle ngaleya ePhakadeni.

188 O Nkulunkulu, leli kungaba yihora lokugcina! Leli kungaba yithuba lokugcina umuntu ayolemukela. Abaningi, akungabazeki, bahlezi lapha, abesilisa nabesifazane, abebefisa, abaphile nje ejwayelekile impilo enhle, kodwa abangakaze bazalwe ngokusha, ongazi ukuthi kusho ukuthini ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ephelele impilo ezinikele; nawo onke amaketango, amahloni, esusiwe kubo, noMoya kaNkulunkulu ubabhaphathize esihawini saKhe.

189 Baba, Othandekayo, Ungeke yini, kulobubusuku, eGameni loMntwana waKho othandekayo, uJesu, uhambe uye kuyo yonke inhliziyo futhi ukhulume njengamanje na? Futhi kwangathi bona, ngobuphansi benhliziyo yabo, bangaphakamisela imicabango yabo kuWe, baphakamise inhliziyo yabo futhi bathi, "Ngilapha, Jesu. Ngithathe manje, njengoba nginje, futhi ungibumbe futhi ungenze into ehlukile. Ungenze ngibe wuhlobo lomuntu Ozothanda ngibe nguye. Yonke impilo yami, Uxoxe kimi. Ukhulume kimi. Uzame ukungenza ukuba ngenze okwehlukile. Uzame ukungenza ukuba ngenze lokho kuzinikela. Kodwa manje imini isiyadlula, Nkosi, ngami, kodwa ngilungele ukuza manje." Siphe khona, Baba. Isihawu sisabiza, ngaphambi kokwaHlulela; uphumo lweBandla, lishiya iGibhithe; kwangathi bangeza, bahambisane neqembu elikhulu, ababizelwe ngaphandle. Sikucela eGameni laKhe.

190 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, namehlo evaliwe, namaKristu ekhuleka. Angazi noma ubungasiphakamisa yini isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule. Ngi—ngiyakholwa ukuthi lonke izwi olishoyo liyiQiniso mayelana noJesu Kristu. Futhi sonke sidinga ukugcwaliswa ngoMoya, futhi, angikagcwaliswa, okwamanje. Bengiyilunga lebandla." Noma, mhlawumbe ubungakaze, nhlobo. Mhlawumbe

ubuyisoni, ungakaze umemukele uKristu. Noma, ubuyilunga lebandla, futhi ungakazalwa ngokusha. Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, emkhulekweni wakho. Ngifuna ukuhamba ngokuqondile.”

191 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, wena, wena; nawe, mfowethu; nawe, dadewethu; nawe, mfowethu; wena, wena, wena, mfowethu, dadewethu. Ngiyabona.

192 O, ngapha ngakwesokunxele sami, bangaki ngapha? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, ngifuna ukuzalwa.”

193 Manje, khumbulani, uMoya oNgcwele ukhuluma kuwe. Uma ngiba yinceku kaNkulunkulu, ngiyazi, ngokuqinisekile njengoba ngimi kulomsamo, ukuthi uMoya oNgcwele ukhuluma ezinhliziyweni lapha. Bangane, ngingahle ngibe ngothile kini, kodwa angisilo uhlanya. Ngiyakwazi engikhuluma ngakho; uma ngazi ukuthi yini inkathazo yenu khona lapho, nokuthi isifo senu siyini, noNkulunkulu ewuzwa umthandazo wami ngani. Futhi khona lapha kulendlu kuhlezi abantu ophilisiwe, enomdlavuza, nobumpumputhe, nokungezwa ezindlebeni, nabakhubazekile, nakho konke okunye. Bukani imihlangano emhlabeni jikelele. Nithini ngani manje na? Nithini ngakho manje na? Uma Ezokuzwa umkhuleko wami ngalokho, Angeke awuzwa yini umkhuleko wami ngesimo somphefumulo wenu na? Uma Ezongembulela ukuthi inkathazo yenu ikuphi, Angeke yini angembulela manje ukuthi inkathazo yenu ikuphi, futhi na?

194 Bangaki abanye futhi ozophakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham ngikhumbule. Ngiyafuna, ngalesisikhathi, ucele uNkulunkulu ukuba abenesihawu kimi”? UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, wena, futhi. O, he, nje yonke indlu, ndawo zonke!

195 Nisakhothamise amakhanda enu. Angazi noma wena, ophakamise isandla sakho, ube nomusa othe nje ukuba mkhulu kancane futhi, uthi, “Nkosi, ngibenomusa owenele ukuba ngiphakamise isandla sami, ngiphe umusa owenele ukuba ngisukume esakhuleka. Uma Ezofikela mina, kungakasi, Nkosi, lolu wuphawu lwami kuWe, ukuthi ngifuna ukuhamba ngokuqondile. Ngifuna ukuhlangana naWe ngolunye usuku. Lokhu ukukhwehlela kuzokhuphuka ngomkhono wami futhi ngizocindezela iphilo elifayo. Udokotela uzosuka eceleni kombhede wami; akukho okungenziwa. Manje-ke, Nkulunkulu, ngihawukele emphefumulweni wami. Ngenkathi izinkungu ezibandayo zokufa intanta endlini, kwangathi kungeza umkhumbi omdala waseZiyoni, ungithwale ungihambise. Ngizoma, Nkosi. Kuthatha inqwaba yomusa, kodwa ikhona Into engihambisayo. Ngimi.” UNkulunkulu akubisise, mfowethu.

196 Omunye uzoma, athi, "Ngimi, Nkosi." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu. Yibani nilokhu nimile nje. Wonke umuntu ofuna ukukhunjulwa ngalomkhuleko, ngensindiso yomphefumulo wakho, ungasukuma. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu; wena, mfowethu.

197 Omunye akame manje futhi athi, "Ngilapha. Mfowethu Branham, angimile phambi kwakho. Ngimi phambi kukaNkulunkulu. Ikhona Into engitshele ukuba ngisukume, futhi ngimi." Ungakwenza na? Yima ngezinyawo zakho nje. Thatha uNkulunkulu nje kangaka. UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

198 Kukhona abanye. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Nakho-ke. Umama bandla ebambe ingane yakhe encane, ezama ukusukuma, izinyembezi emehlweni akhe. Ungeze na? Sukuma futhi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, intombi esikhulile ime lapho, futhi isikhule ngempela, eyaziyo ukuthi izobhekana noNkulunkulu, ngolunye lwalezizinsuku. UNkulunkulu akubusise. Ubani ozosukuma olandelayo manje, athi, "Ngizoma"?

Yibani nilokhu nimile nje nenzele umkhuleko.

199 Omunye futhi? Ngiyezwa nje sengathi kukhona omunye futhi ofuna ukuma. Mhlawumbe ufuna ukusondela kakhudlwana. Ungabe usakuyeka manje. Yima nje. Uzokwenza na? Nina ofuna ukusondela kakhulu kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise. Nakho-ke. Ngabe omunye . . . UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Yebo, mnumzane.

200 Kusekhona okungenani abanye abantu abathathu, ngibuka ngokuqonde ngqo, abafanele ngabe basukumile, ngoba nakho kumi iNgelosi kaNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Nakho-ke. Manje, kulungile, mfowethu, uthini ngakho na? Kulungile. Futhi, iNgelosi yeNkosi imile, ngiyazi. NgiyaYibona, futhi ngiyazi ukuthi kufanele abekhona omunye ofanele ame khona manje. Ngizoma nje isikhathi eside ngomzuzu. Kwangathi uNkulunkulu . . . Uyazi ukuthi Iyacindezela enhliziyweni yakho. Imi lapho, mngane wami. YiYo leyo ekutshela ukuba usukume. Ungekwenze na? Sukuma nje futhi uMemukele, njengamanje. Kulungile.

201 Usuqinisekile manje na? Uma uNkulunkulu engakubiza kulobubusuku, kulomhlangano; lentshumayelo, lesisimemo, sizodibana nawe ngaleya uma usufa. Wenzeni ngakho na? Uma ungaqinisekile, impela, sukuma manje, ukuze Ikubone ukuthi ufuna ukwemukela, ukuba uhambe ekuKhanyeni.

202 Manje, Baba wethu waseZulwini onomusa, laba abantwana baKho abathandekayo, izinhliziyo ezithanjisiwe, iZwi liwele enhliziyweni yabo kulobubusuku. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa ngeZwi." Futhi bakwazile ukuzwa. Futhi Wazithambisa izinhliziyo zabo, abaningi bamile, abesilisa nabesifazane, abafana namantombazane, beKuvuma njengoMsindisi noMholi wabo othandekayo.

203 Futhi kwangathi iNgelosi kaNkulunkulu, Elapha manje kulobubusuku, kwangathi Ingabaphelekezela impilo yonke. Kwangathi bangaphelekezelwa baye eKalvari njengamanje, ezinhliziyweni zabo, futhi bemukele uJesu njengoMsindisi wabo. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele, ngeGazi likaKristu, ungehlela emiphefumulweni yabo, futhi ususe bonke ubutha, futhi ubagcwalise ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kwangathi lobu kungaba ngubusuku obukhulu ukwedlula bonke bempilo yabo. Siyazi ukuthi yibo, ngokuba kulobubusuku bemukela Wena. Siphe khona, Nkosi, njengamanje. Futhi kwangathi bangaya ekhaya besuka lapha, kulobubusuku, bejabule futhi bethokoza, bedumisa uNkulunkulu, ngayo yonke inhliziyo yabo. Ngikhulekela lesisibusiso ngeGama likaKristu Jesu.

Manje kwangathi iNkosi inganibusisa njengoba nihlala phansi.

204 Ake nginibuze manje. Ngamunye wenu obemile, futhi niyazi ukuthi kukhona okwenzekile kini, ngenkathi usamile, phakamisa isandla sakho. Phakamisa isandla sakho nje, uyazi ukuthi kukhona okwenzekile. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Kufanele, bangane. Kufanele. Ngimile, ngabona lapha njengamanje, iNgelosi efanayo engikhuluma ngayo, ihamba kuyo yonke lendlu lapha; iNgelosi efanayo yeNkosi, iNsika yoMlilo. Kade ngishumayela emizuzwini edlule emihlanu noma eyishumi, phansi kwalokho kuphefumulelwa. NgiyaYizwa, ukuYibona nje ihamba kuyo yonke lendlu. Manje, ningahle nicabange ukuthi nje nginixoxela inganekwane, kodwa yiQiniso.

205 Manje, angicabangi ngisho ukuthi ngizobiza umugqa womkhuleko. Ngicabanga ukuthi ngizoma khona lapha futhi nje ngicele uNkulunkulu ukuba aqinise ukuthi nginitshele iQiniso, kunjalo, ngezibonakaliso, nezimangaliso.

206 Bangaki phakathi lapha ofuna ukuphiliswa, abantu abagulayo na? Phakamisani izandla zenu, noma ngabe nikuphi. Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngiyakwemukela." Kulungile.

207 Ngifuna nibheke, niphile, futhi nikholwe. Omunye umuntu kulezizethameli, ukwedlula *lapha*, omunye umuntu lapha, bukani nje, futhi wathi, "INkosi uJesu . . . "

208 Njengalokhu. Ngiyakholwa, isizathu sokuba ngenze lokho kubizelwa ealtare kuqala, sifanele sifumane umusa kuYe. Lena yinto entsha kimi. Ngifanele ngifumane umusa kuYe, kuqala. Manje-ke uma ngifumene umusa, futhi ngenze umusa . . . Nani, idazini, noma amabili, imiphefumulo eza kuYe ngaleyonkathi nje. Impela, impela . . .

209 Manje, ngamunye wenu bantu eniza kuKristu, manje-ke, nithole elihle ibandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele futhi niye kulo. Futhi lapho nifune umbhaphathizo waKhe nize niWuthole; hambani nje, ngabo bonke nje ubusuku, nsuku zonke, qhubekani nje nikhuleke. Futhi uma nibheke . . .

210 Manje, nina bantu ogulayo. Uma nginitshele iQiniso, uNkulunkulu uzofakaza ukuthi yiQiniso. Kunjalo. Ongenza lokho kuphela. NoNkulunkulu uzokwenza kwazeke, uma nje nizokhuleka futhi nikholwe ngenhliziyo yenu yonke. Bukani nje, futhi nisho lokhu . . .

211 Ngenkathi iNgelosi ihlangana nami phandle lapho esiGayweni iGreen, eIndiana, eminyakeni eyisishiyagalombili eyedlula; emva kokuba kusukela ngisengumntwana, ingilandela, ibonisa imibono. Ngenkathi ngiya kuYo, Yathi, "Uma uyoba qotho, uthole abantu ukuba bakukholwe, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko."

212 Manje, Inganenzela okufanayo nani manje Eyakwenza ngaleyonkathi. Ivukile kwabafileyo. Futhi I . . . Lapho izethameli phandle lapho phambi kwaYo. Iyazi ukuthi yini okuphezu kwenu nonke, enikwenzile, ukuthi yini inkathazo yenu, konke ngakho. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje-ke kukholweni ngenhliziyo yenu yonke.

213 Ngiqaphela insizwa ehlezi lapha, ekholwayo, izama ukukholwa, inokukholwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongazisa ukuthi yini engalungile kuwe na? Uyakholwa? Uma Ezongazisa, uzokwemukela ukuphiliswa kwakho na? Uphethwe yinhliziyo. Akunjalo na? Uma-ke ngikutshelile manje ukuthi uphilisiwe kuyo na? Ubungakukholwa na? Sukuma umzuzu nje. Unenhliziyo enokwethuka, nenhliziyo eduduzelayo. SekukuhlUphe isikhathi eside. Isikhathi kuphela, uma ulele phansi, futhi, kukuncisha umoya, futhi unokuningi kakhulu ukushaya okuya emuva naphambili, ubuthithithi. Kunjalo na? Isizathu, kubangela ukungagayeki kokudla esiswini Sakho, kukhuphuka ngaleyo umthambo. Akusilo iqiniso lelo na? Ungeke usahlushwa yikho. Wena gcina lokho onakho khona manje; ungahamba uye ekhaya futhi usinde.

214 Angifundi wona umqondo wakho. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwe. Uyindoda nje ehlezi lapho. Kunjalo na? Angikaze ngikubone empilweni yami, futhi angikaze ngazi

lutho ngawe. Ngabe yiqiniso lelo na? Kholwa ukuthi iNkosi ilapha!

215 Ngokusobala, nsizwa, kukhona engifuna ukukubuza khona, futhi uyabona ukuthi kuyiqiniso noma akusilo. Emizuzwaneni cishe embalwa nje edlule, khonamanjalo, into ethize exakile ifika phezu kwakho ngenkathi ngiqala ukukhuluma ngokuthi "udosi luphuma kwisitinyeli." Bekungenjalo lokho na? Bekungesikho ukuzwa okuxakile obunakho, ukuhlala lapho na? Akunjalo lokho na? Futhi awungibukanga yini ngalesosikhathi esifanayo, namehlo ami akubamba ngalesosikhathi esifanayo na? Futhi kungaleyonkathi ophiliswe ngayo, uphethwe yinhliziyo, khona lapho. Amen. Kunjalo impela. Ulapha.

216 Angifundi wona umqondo wenu, bangane. Ngikhuluma kuphela iQiniso, noNkulunkulu uyaliqinisekisa ukuthi liyiQiniso.

217 Ucabangani ngakho, uhlezi lapho eduze kwakhe na? Uyakholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa uma uNkulunkulu... wena ohlezi phambili, lapha esihlalweni esingaphambili, yingalesosizathu ngikhuluma nawe kakhulu kangaka, ngiYibona emuva phakathi ngemuva lapho ngakimi. Kodwa uyakholwa na, uma ngingaxhumana nomoya wakho, uNkulunkulu uzokwembula ukuthi yini engalungile na? Ungakwemukela ukuphiliswa kwakho na? Ungophethwe yisifo sikashukela. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma kuyiqiniso lelo. Sukuma ume ngezinyawo zakho. Uyakwemukela ukuphiliswa kwakho na? Kwangathi iNkosi uJesu Kristu ingakwenza konke okukhona kusinde. UNkulunkulu akubusise.

218 Kholwa. Omunye phakathi *lapha* akakholwe. Kholwa, ngenhliziyo yakho yonke.

219 Ngibona insizwa ehlezi lapho igqoke isudu el'hlaza-s'bhakabhaka. Lapho Imi ngqo phezu kwayo. Unesifo sesikhumba, awunaso, nsizwa na? Akunjalo lokho na? Sukuma ume ngezinyawo zakho. O, ngiyabona, ukanye neviyo lamanxusa. Ngabe kunjalo na? Awu, awufuni ukuya ekhaya ususindile? Phakamisa isandla sakho uthi, "Nkosi Jesu, manje ngiyakholwa ukuthi iNgelosi yeNkosi iholela phambili. Futhi ngiyakholwa ukuthi sengiphilisiwe."

220 Ucabangani ngakho, indoda eseduze kwayo lapho, uyakholwa, nawe na? Sukuma ume ngezinyawo zakho umzuzu, ukuze ngikwazi ukukubuka. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu; ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ufuna ukuphila kulesosifo senhliziyo na? Yilokho obunakho, bekungesikho? Yilokho o "*bunakho*," ngisho njalo. Awusenakho manje. Usungaya ekhaya, nawe.

221 Indoda eseduze kwayo, ucabangani ngakho, mnumzane na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Sukuma ume ngezinyawo zakho. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke manje na? Ubunokwethuka kwemizwa. Akunjalo lokho na? Uyabo? Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Ungaya ekhaya usuphilile manje. UJesu Kristu uyakuphilisa.

222 Kuthiwani ngendoda elandelayo, sukuma, ezansi nomugqa, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Sukuma ume ngezinyawo zakho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na, ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi Uzongitshela ukuthi yini engalungile kuwe, ukuthi uzokwemukela ukuphiliswa kwakho na? Kusemphinjeni wakho. Kunjalo na? Hamba uye ekhaya futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu.

223 Ukhona omunye kulendlu, ofuna ukuphiliswa, angasukuma futhi aphiliswe. Uma ungikholiwe, njengenceku kaNkulunkulu, sukuma ume ngezinyawo zakho. UNkulunkulu akubusise. Isifo sabesifazane, umdlavuza, nanko uhamba. UNkulunkulu akabusiswe! Nonke, phakamisani izandla zenu kuNkulunkulu.

224 Baba wethu waseZulwini, manje ngilahla zonke izifo zalendlu, ngikhipha imimoya emibi, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungengamela manje futhi wenze ukuba wonke umuntu aphile.

225 Beka izandla zakho phezu komunye nomunye, bese uthi, “Ayibongwe iNkosi,” ndawo zonke. Futhi nithokoze futhi nijabule, ngokuba uJesu Kristu ulapha, iWundlu likaNkulunkulu, ukukwenza uphile, wonk’umuntu.

